# *BHEKANI, LAPHA KUKHONA OMKHULU KUNABOBONKE*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Asibe silokhu simile nje, umzuzwana nje, senzele umkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu manje. Isizathu sokuthi ngenze lokhu, ngicabanga ukuthi kuhlala kungokukwedlula konke ukusondela kuYe kuqala ngomkhuleko. Manje, ziningi izinto esizidingayo, ngiqinisekile, kodwa asizikhumbule nje phambi kukaNkulunkulu, njengoba siphakamisa izandla zethu futhi, enhliziyweni yethu, sithi, "Nkulunkulu, ngikhumbule, nginesidingo manje, ngi. . . ukulindela okukhulu kulentambama, futhi ngakho, sifuna Usihlangabeze ngakho, Baba." Phakamisa isandla sakho manje, kuwe one. . .ulindele ukuthi uNkulunkulu enze okuthize.

3 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe ngokuzithoba futhi. Singayibona nje imiphefumulo yethu yenyukela phezulu manje, phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu lapho, iletha phambi kwethu, Nkosi, uMhlatshelo wethu—wethu, iGama leNkosi uJesu, siWulethe e-altare, futhi sivuma ukuthi siyizoni ngokwemvelo, Nkosi. Futhi thina—thina asifanele ukusondela, kodwa Wasitshela ukuba size, futhi sizoba nomusa e—emyalweni waKho, nokuthi imikhuleko yethu izophendulwa uma sikucela eGameni laKhe. Futhi sinezicelo ezinhliziyweni zethu, Nkosi, ngamunye wethu. O Nkulunkulu, siphe khona. Futhi Nkosi, ngamunye wethu angakwazisa Wena esikudingayo. Futhi sibeka imikhuleko yethu—yethu ndawonye phezu kwe-altare laKho ngoMhlatshelo ofanayo, iNkosi uJesu, futhi sicela ukuthi Uphendule.

4 Nkosi, okwami kungokwabantu kulentambama, sengathi kungabakhona okuthize okwenzekayo, Nkosi. Ukuvalwa kwalomhlangano omkhulu, Nkulunkulu, kwangathi ungevalwe, kwangathi ungaqhubeka nje, Nkosi, uqhubeke nje uqhubeke, ebandleni ngalinye, enhliziyweni ngayinye, kwangathi ungapheli kuze, Nkosi, Wena usuqedile ngathi emhlabeni.

Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi Uzobapha izicelo zabo, ngamunye wabo, siphe izifiso zenhliziyo yethu, ngoba kungokwenkazimulo yaKho.

5 Kanti futhi, Baba, khumbula namhlanje, njengoba siletha iZwi, kwangathi Linganongwa ngoMoya, Nkosi, kwangathi uMoya ungaLibonakalisa, kwangathi izinhliziyo zethu zingalungela ukuLemukela, futhi sengathi Lingawela phansi ekujuleni ngaphansi kwenhliziyo lingene emphefumulweni,

futhi lapho sengathi Lingaveza imiphumela Elihloselwe yona, Nkosi. Siphe khona.

6 Busisa abazalwane bethu yonke indawo ngalolusuku lweSabatha. Emhlabeni wonke abefundisi bashumayela iVangeli, leliVangeli elifanayo, siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabusisa yonke indawo.

7 SiyaKubonga ngokusa okukhulu, Nkosi, izinkonzo ezinkulu yonke indawo, sikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umuntu, Nkosi, konke okwashiwo. Manje thola udumo embuthanweni wethu kulentambama, ngokuba siyazinikela kuWe kanye nezethu—nezethu izicelo, neZwi laKho, eGameni likaJesu. Amen.

8 Bengisensimini okwe, kakhulu iminyaka eyishumi nanhlanu ekuvangeleni. Akunandaba ukuthi kungakanani ngi—ngisensimini, kuhlale kubonakala sengathi kunokuthinta okuncane kozwelo oluvusa isihawu lapho ufika ekupheleni komhlangano. Angikaze ngibe nalo okwamanje kodwa okufikayo umuzwa omncane.

9 Esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngiphuma ngiya ehlathini, ngemuva nje kwalapho engihlala khona, futhi ngacabanga, "Awu, niyazi kuyoba nabaningi balabobantu engingeke ngiphinde ngibabone, a—angeke ngiphinde nginibone emhlabeni." Futhi ngiyacabanga, "Isikhathi esilandelayo engibabona ngaso kuyoba lapho eNkazimulweni, noma okunye: Uma-ke abanye babo bengasindiswa, Nkosi, noMlobokazi, iBandla lizoma lapho njengoMahluleli na?" Niyabo? "Futhi abangcwele bayokwahlulela umhlaba."

10 Futhi lapho, ngimi lapho, futhi ngibuka abantu futhi, kulomhlangano, futhi ngicabangile, "Nkosi, ukuba-ke okuthize engi. . .engangifanele ngikwenze kaningi, ukuthi ukuba bengikwenzile, bona—bona bebeyo—bebeyoba kahle? Niyabo? Ukuba-ke bengingavele. . .? Ingabe kukhona engikushiyile ngaphandle na?" Kuhlale kukunikeza umuzwa oxakile.

11 Ngiyabona ukuthi ngelinye ilanga ngifanele ngime. Futhi manje, kunesikhathi esisodwa lapho ozohlangana khona nokwaHlulelwa, ungahlangabezana nakho manje, uma ufuna, kodwa uma ungafuni, uzofanele uhlangabezane nakho noma kanjani; uhlangabezana nakho Laphaya ngaphandle kwesihawu, noma ungahlangabezana nakho manje ngesihawu. Ngakho uma abanye lapha bengakakuxazululi okwamanje, asikuxazulule manje. Niyabo? Futhi uma ngi. . .

12 Ngiyazi kuyo yonke imihlangano unabantu abashushumbayo besuka kuyo indawo, emhlanganweni ovulekile kanje. Kube khona labo abethamelile obegxeka, ngiyakuzwa; nje, o, he, kukudabula ube yizicucu! Bese-ke, kube khona obekunomoya omuhle ukwedlula konke, ukukholwa okuthobile ukwedlula konke engake ngahlangana nakho

empilweni yami. Niyabo? Kunjalo. Ngakho uhlangana nalokho yonke indawo.

13 Anginasiqiniseko, ngikholwa ukuthi owesifazane oyedwa, izolo ebusuku, weqe umugqa phakathi komusa nesihawu. Ngimbone emi phambi kwami, bengimkhulekela ubusuku ngabunye, futhi nango ubemi lapho, nobumnyama buhamba bumzungeza bumzungeza, akunandaba ukuthi uzama ukwenzani, sekuphelile. Futhi ngakho nami. . . Namuhla ekuseni, kancane emva kokukhanya kwelanga, ngimbonile, futhi ngi—bengikade ngikhuleka, ngicabangile, "Ubengayicabanga kanjani owesifazane lolohlopbo lwemicabango na?" Kodwa akusizanga. Ngakho futhi ucabanga ngalokho. Ngiyacabanga, "Ngiyazibuza ukuthi akukho yini engikwenzile, indlela, noma mhlawumbe uma ngi . . . "

14 Futhi angeke utotose noma yini, a—awufanele wenze lokho, lokho akulungile, niyabo, ufanele ukhulume iqiniso. Iqiniso lihlezi liqinisile. Futhi ngakho, ku—kukwenza ucabange, futhi ucabanga ngakho futhi ukhathazeke ngakho.

15 Kodwa ngi—ngifuna ukubonga, manje, lababafowethu abangabefundisi abakahle, bonke, futhi nimele izinhlangano ezehlukene, amahlelo ehlukene, kanjalonjalo, kodwa beningabazalwane bangempela. Ngifuna ngamunye wenu ongamalungu amabandla abo, nime ngakubo. Kuthatha indoda ukumela *enye into*, mhlawumbe, lapho inhlangano yakhe uqobo. . . izinhlangano eziningi ziyakhuluma. . . bacabanga ukuthi ngimelene nabo, futhi abaningi babo bayangenqaba isiqothu. Futhi nanka amanye amadoda abo kulezozinhlangano, nokho, akunandaba ukuthi inhlangano yawo yenzani, bayakukholwa, futhi bayama noma kanjani. Lawo—lawo ngamadoda angempela, lawo ngamadoda engiwethembayo, niyabo, amadoda engikholwa ukuthi ngiyohlala nawo ePhakadeni. Niyabo?

16 Ngithanda ukuzicacisa: Angikaze ngimelane nenhlangano, akusiyo inhlangano, yinqubo yenhlangano, niyabo, yilokho-ke.

17 Uma-ke ngikubone wehla ngalomfula phandle *lapha*, noma ngabe kukuphi, ngicabanga ukuthi kunomfula odabula idolobha, futhi mhlawumbe kukhona izimpophoma ezinkulu ezansi lapha, futhi usesikebheni esidadlana esivuzayo, futhi ngiyazi ukuthi lesosikebhe sizosakazela kulezo zimpophoma? Ngiyazi ukuthi kunjalo, futhi mina ngikuklabalasela, ngikumpongolozela, akukho engi—ngimelene ngakho nawe, ngi—ngi—ngiyakuthanda. Yingalesosizathu ngimpongoloza ngendlela engenza ngayo. Niyabo? Lokho ngukuthi. . . akungoba nginokuthile okumelene nomuntu osesikebheni, yisikebhe engikhuluma ngaso, isikebhe ngeke sidlule kukho. Futhi akukho nhlangano, noma ihlelo, noma umfelandawonye,

nanoma yini, ezosithwala isidlulise, NguKristu futhi Yena yedwa, kunjalo; futhi akusikho, bafowethu.

18 Manje, sithatha i-Assemblies of God, lena yi-Open Bible, i-Assemblies of God, i-Open Bible, iFoursquare, ngani, he, nePentecostal ne-United, abazalwane be-Oneness, nabazalwane beChurch of God, iPentecostal Holiness, ngani zona, kukhona abanye abantu abahle kunabo bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami phakathi lapho. Bangabafowethu, amaKristu angoqobo azelwe ngokusha ngempela. Futhi uma ningahlulela ngokubona okufihlakele okuncane okuvela kuNkulunkulu, nginitshela iqiniso. Kuzo zonke lezo zindawo, ngihlangana namadoda angempela kaNkulunkulu.

19 Futhi ngihlangana nabo kwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, Angizami ukudiliza inhlangano yabo—yabo—yabo, Kuphela ngizama uku. . .Hlala kulokho okukho, kulungile lokho, ngoba, ngizokutshela lokhu, angeke kube khona inhlangano *ethile* emelwe ngaloloSuku, kuzoba ngabantu ngamunye abaphuma kuleyonhlangano. Niyabo? Futhi inhlangano yinto nje e—eyisivumelwano nje esincane phakathi kwababafowethu obona ngaleyondlela, futhi bahamba ngaleyondlela. Manje, lokho kuhle.

20 Isibonelo, mhlawumbe abantu ababili abafanayo ngokuphelele kufanele kube indoda nomkayo. Ngithole owesifazane onomoya omuhle kunabo bonke emhlabeni. Manje, ngiyazi nina bazalwane nizophikisana nami, kanjalo, kodwa—kodwa ngi—ngicabanga ukuthi nginaye, kimina unjalo. Niyabo? Kodwa nokho, uma siyodla uphaya, uzothatha uphaya wama-apula, futhi ngizothatha owamasheri, ungumkami ngokufanayo nje. Yebo, mnumzane.

21 Futhi ngakho, umfana wami, uBilly Paul, niyawazi umlando ngempilo yami, unina washona enezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala, udadewabo omncane wayenezinyanga eziyisishiyagalombili lapho ngibangcwaba ndawonye. Ngaphatha uBilly ngizulazula nezami. . .ibhodlela lakhe ephaketheni lami, ngihamba kwiphansi, ngikhala naye, yena ekhalela umama, futhi ngangingenaye umama engangizomnika yena. Ngibe yikho kokubili ubabayi nomama kuye, yingalesosizathu ngimgcina ekanye nami manje, noma ngabe siyaphi ngithatha uBilly, Ngamthembisa lokho ngenkathi efa. Akekho osondelene kakhulu kunoBilly nami.

22 Futhi, niyazi, zombili izimoto zethu yase igugile. Sobabili kwadingeka sithole izimoto ezintsha ngaphambi kokuba size lapha, futhi angeke nje ungidayisele lutho ngaphandle kweFord, futhi yilokho kuphela, futhi angeke ukumdayisele lutho ngaphandle kweChevy, kodwa sobabili sifikile lapha. Amabhuleki ami ashile, futhi irediyetha yakhe ibibila yonke indlela, kodwa besingathembele ezimotweni zethu,

besethembele kuNkulunkulu, yingalesizathu siza lapha. Ngakho, niyabo, leyo yinto efana nehlelo.

23 Ngifuna bonke abafowethu abaxhasile, emhlanganweni, ukuba basukume, uma bethanda, umzuzwana nje. Abafowethu abebengabaxhasi bomhlangano, sukumani nje, nonke bafowethu ongumfundisi, obekade . . . [Umfowethu uthi, "Mfowethu, besingavele sibasukumise bonke."—Umhl.] Bonke—bonke abefundisi sukumani, akunandaba ukuthi ukuphi. Kimina . . . Yibani nilokhu nimile umzuzwana nje, uma nithanda, bafowethu. Lokho kuhle.

24 Kimina, abakhethiwe, abakhethelwe isikhundla, mhlawumbe labobefundisi . . . Awukaze . . . Angifuni neze ukugxeka umelusi phambi kwabantu bakhe, ngoba emva kwakho konke, ubekwe njengomelusi wezimvu. Abelusi benu lapha bangahle bangakwazi ukwehlukanisa umoya nokubikezela izinto ezizokwenzeka, bangahle bangakwazi ukwenza lokho, kodwa banesikhundla, kanjalo nami ngingumfundisi, noma angiyena—angiyena umphostoli. Niyabo? Lezizikhundla ezinhlanu . . . Futhi ngamunye walawomadoda unesikhundla, futhi ubambe isikhundla sakhe, futhi lesosikhundla sikhulu nje emehlweni kaNkulunkulu njenganoma yisiphi esinye isikhundla.

25 Futhi ngifuna nazi lokhu, ukuthi mina nginikhulekela bekungasho okungaphezulu kokuba oyedwa wabo enikhulekela. Awudingi ukulinda kuze kube uMfowethu Roberts, uMfowethu Allen, noma—noma abanye balaba abanye abafowethu beza ngapha ukuzonikhulekela, umelusi wakho unelungelo elifanayo enginalo, noma ubani omunye onalo. Kulungile. Bangamadoda kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu ubabizele esikhundleni sabo.

26 Manje, nakhu simi kulentambama, mhlasimbe singakhethi-hlelo, iPentecostal Holiness, ne-Assemblies of God, i-Foursquare, ne-Open Bible, onke lawo lapho, simile ngokwehlukene, kodwa sonke singabantwana baKhe, sonke siyizinceku zaKhe.

27 Lalelani, into eyodwa nje ngaphambi kokuba nihlale phansi. Nginabantwana abayisihlanu, futhi lapho ngihamba ngiyothola u-ayisikhilimu, angikaze ngisibone isibumbatha esinjena! Oyedwa ufuna ushokoledi, omunye ufuna ivanila, omunye ufuna ibhanana-olintshi, nomunye ufuna, noma, iwolintshi, nayo yonke imibala eyehlukene. Lapho sengiletha u-ayisikhilimu, kufana nothingo lwenkosazana, angikaze ngiyibone imibala eminingi kangako, kodwa ake ngikutshele, wonke u-ayisikhilimu, futhi ngabantwana bami abadlayo; yilendlela okungayo kulentambama.

28 Niyazi, ukunambitheka akubalwa kulokhu. Singahle sehluke ngenhlangano, ihlelo, kodwa uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo, uNkulunkulu uthanda

izinhlobonhlobo, Akayona iSears And Roebuck Harmony House. UNkulunkulu uyizinhlobonhlobo, Unezintaba ezinkulu, izintaba ezincane, izimbali ezimhlophe, izimbali ezibomvana, izimbali eziphuzi. UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo, Unamadoda amancane, amadoda amakhulu; Unekhanda elimnyama, ikhanda elibomvu, elimhloshana, nalo lonke uhlobo olwehlukene. Unezingwadule, Una—Unamachibi, Unezilwandle. Niyabo? UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo.

29 Futhi yindlela okungayo lapha namuhla, sonke siyizinceku zikaNkulunkulu. Futhi emva kwakho konke, bazalwane, ingabe yikho konke...? Uthingo lwenkosazana lumele isivumelwano. Kunjalo. Sisesivumelwaneni sikaNkulunkulu. Kunjalo. Ndowonye, njengabafowethu, simile. INkosi inibusise, bafowethu abakahle, futhi kwangathi amabandla enu angakhula futhi aphumelele, futhi kwangathi uNkulunkulu engahlala enibusisa ngokucebile nangobukhosi kungumkhuleko wami—wami oqotho. Uma ngingake ngibe usizo kuwe nganoma iyiphi indlela, ubusuku abubi mnyama kakhulu, noma imvula ayini kakhulu, vele ungibize, ngizokwenza konke engingakwenza ukusiza.

30 Sisebenzela uMbuso owodwa omkhulu: okaNkulunkulu. Kunjalo. Futhi uthi omunye ungowe-Assembly, mhlawumbe lokho ukunambitha kwakhe, omunye ungowe-Open Bible, lokho ngukunambitha kwakhe, kodwa konke kunguMbuso kaNkulunkulu. Kunjalo. Noma ngabe sikuphi, konke kunguMbuso kaNkulunkulu esiwusebenzelayo. Uyehla, "NgaMoya munye sonke sabhaphathizwa eMzimbeni munye," futhi siba amalungu kaKristu.

31 Ngifuna ukunibonga, bazalwane, phakathi kwenxushunxushu nisalokhu nisiza ekungixhaseni ukuba ngize lapha, ningilethe phambi kwabantu benu. Bengingeke ngilimaze oyedwa ngalutho, yizimvu zenu, uNkulunkulu aninike zona ukuba niyikhulise.

32 Ngokuvamile ngosuku lokugcina, ngangi ha-...ngangivame ukuba nabantu abangibhalela imibuzo, bayibeke phezulu emsamo wami. Niyabo, uma nina—uma ninemibuzo, ngiyazi ninayo, kodwa buzani umelusi wenu, nguye onganitshela. Niyabo? Angithunyelwanga ukuphendula imibuzo, ngiyaKushumayela ngalendlela futhi ngiqhubeke. Niyabo? Vele udlule...

33 Sonke singabadobi. Benikwazi lokho na? UMbuso kaNkulunkulu ufana nomuntu owathatha inetha futhi waya olwandle. Futhi ngiza ukuzoluka inetha yami kanye namanetha abo, ngenze ukuphonsa okukhulu kakhulu kulo lonke idolobha, ngidonsele phakathi. Abanye bangenile, angazi ukuthi bayini. Lapho umuntu engenisa inetha, unenhlanzi engumthuthambi, unezimfudu, isikhuphashe, kodwa unezinhlanzi futhi; lowo

nguNkulunkulu ukuthola ukuthi yikuphi okuyikhona khona. Futhi ngakho, abanye babo bazohlala, abanye babo angeke, asazi, lokho kukuNkulunkulu. Sifanele nje sidonse inetha lingene, futhi uBaba ucosha noma yini A—Aku—Akumisele ukuba kube ngaleyondlela. Futhi mina . . . ini . . . Khumbula, ngenkathi inetha ibabamba, akunandaba ukuthi babeluhlobo luni lomnyakazo, babeyilolohlobo lwenhlanzi ekuqaleni. Niyabo?

34 Futhi ngakho, asazi ukuthi zingaki izinhlanzi ezisechibini okwamanje, sifanele sidobe size sizikhiphe zonke, futhi khona-ke uJesu uzofika. Futhi ngokubona kwami, bangane, siya phansi le, ngicabanga ukuthi siphansi le, mfowethu. Kunzima kakhulu, manje (Niyakwazi lokho, emabandleni enu.), ukuthola abantu abafuna ngobuqotho ukukhonza uKristu, kunzima kakhulu, kakhulu.

35 Manje, sengathi iNkosi inganibusisa. Futhi ngifuna nina . . . Ngiyaxolisa ngokukhulunya nokubhalwa kolwimi kwami, ezinye izinkulumo zami ezinokwedelela. Angazi, anginamfundo, ngakho ngifanele ngithembele ekuphefumulelweni, ngakho-ke ngivele nje . . . yonke indlela engikuthola ngayo. Bengilokhu nginigcina isikhathi eside, kodwa ngivele ngifinyelele futhi ngikuhwaphune, futhi ngikukhafule ngendlela engikuthola ngayo. Ngakho lokho ukwedelela, kodwa yileyondlela kuphela enginayo yokukwenza. Ngakho wena nje . . . Ngizama nje ukufika lapha futhi ngiqale ukukhuluma, kancanyana, ngize ngigcotshwe, bese-ke ngiyagcotshwa, ngivele ngisuke.

36 Bangaki abake bazingela onogwaja na? Wake wayisebenzisa inja na? Izohogela nxazonke, ilunguzisa umlomo wayo, niyazi, ize ishaye umkhondo. Uma ithola lelophunga likanogwaja, he, amehlo ayo ayaqhunsuka, nezindlebe zayo ziyaphakama, futhi isuka ihambe. E-hhe. Yileyondlela umfundisi azingela ngayo indikimba yakhe, lapho ezama ukushumayela ngokuphefumulelwa (Akukhona ukwedelela lokho na?), aze aqale.

37 Kungikhumbuza, nginamantombazane amabili amancane. Eminyakeni edlule, babengabafo abancane. Ba . . . Omunye wabo cishe ungowesifazane osemusha manje, uRebekah, kodwa mdala ngeminyaka emine kunoSarah, bese kuthi-ke ngathola uJoseph omncane. Njengoba nonke nazi, iNkosi yangibonisa yena eza eminyakeni eyisithupha ngaphambi kokuba afike, niyakhumbula ngakho. Futhi khona-ke . . . Kodwa lawa mantombazane amabili . . . Lena, ngaphambi kokuba uJosefa afike lapha. Ngakho kukhona umehluko weminyaka emine phakathi kukaSarah, uRebekah, futhi ngakho, bobabili bangamantombazane kaBabayi, ngiyabathanda abantwana bami, ngicabanga ukuthi wonke umuntu uyabathanda. Kukhona okuthile ngothando lwalabobafo abancane!

38 Futhi ngakho, babe. . .Ngangifanele. . .Ngangingena ngiphuma emhlanganweni. Futhi ngakho, uMama waye. . . Amantombazane alinda, kodwa indiza ayizange ifike ngesikhathi, namantombazanyana athola isihlabathi emehlweni awo, kusobala, niyazi, futhi kwadingeka alale. Ngakho uMama walinda kwaze kwaba yihora lesibili ekuseni, futhi ekugcineni ngiyafika, futhi ngangikhandleke kakhulu.

39 Yileyo indlela engiyiyo manje. Nje ngi. . .Bengifanele ngabe ngiphumule. Ngi. . .Lona ngumhlangano wami wesishiyagalombili ngokulandelana, Ngineminye emithathu futhi ngaphambi kokuthi ngiphumule. Futhi khona-ke ngi. . .

40 Ngangicabanga, ngenkathi ngingena ngalokho kusa, ngangikhathele kakhulu angikwazanga ukulala, ngacambalala isikhashana, ngabuyela endlini yokuphumula ngahlala phansi e—esihlalweni. Futhi ngangihlezi lapho kufika ukusa, futhi ngangilalele izinyoni ziqala ukucula ngaphandle. Futhi emizuzwaneni embalwa ngezwa okuthile kuphenduka, ezansi ekamelweni labantwana, futhi kwaku—kwakunguRebekah, wayesevukile. Futhi wakhumbula, "Sekukhaya, uBabayi ubefanele abe lapho!" Nangu eza, ngamandla akhe onke.

41 Awu, lapho egaqazela ephuma, wavusa uSarah, udadewabo omncane. Futhi uBecky uthi ukuzaca, futhi unezinwele ezimhloshana, amehlo amakhulu aluhlaza-sasibhakabhaka; USarah mfishane, izinwele ezimnyama, amehlo ansundu, njengonina. Ngakho lapha, wavusa uSarah.

42 Futhi angi. . .Ngicabanga ukuthi abantwana benu bayakwenza nabo, ba. . .sigqoka esikushiyelwe omunye, niyazi, endlini yami. Ngakho uSarah wayegqoke amapijama kaBecky, futhi wayegqoke lawo enezinyawo ezinkulu kakhulu, niyazi, nomfo omncane bandla akakwazanga ukuqhubeka kahle kakhulu, edabula endlini ekuwo, izinyawo zikanogwaja ezinkulu zindiza, niyazi, futhi ezama ukwedlula uBecky ukuba angene lapho kuqala kimi, kodwa uBecky wamehlula.

43 Kuthi nje ukungikhumbuza ngebandla ebelikhona, niyazi, isikhathi eside, ibandla elidala, belihamba emuva le, inhlangano enkulu, emuva le, nencane, inhlangano entsha yePentekoste.

44 Niyazi, into yokuqala okwakuyiyo, uBecky uyagijima uyangena wagxumela ethangeni lami, futhi wangigaxa ngezingalo zombili *kanjalo*. Futhi ngesikhathi uSarah omncane efika lapho, lezozinyawo ezinkulu zihuduleka phansi egqoke amapijama kaBecky, waqalaza uSarah, futhi wathi, "Sarah, dadewethu, ngifuna wazi okuthile," wathi, "Ngibe lapha kuqala." Yilokho abazama ukusitshela khona, bafowethu, bebelapha kuqala. "Bengilapha kuqala," futhi wayengigaxe ngezingalo zombili, futhi wathi, "Nginaye wonke uBabayi, futhi akukho okusalele wena."

45 USarah omncane bandla, wehlisa udebe lwakhe oluncane, amehlo akhe amancane ansundu ehlengezela, ngakhipha umlenze wami *kanjalo*, ngathatha umunwe wami, futhi ngamqhweba, yilokho kuphela okwakufanele ngikwenze, nakhu eza ethwaxuzela ngelezozinyawo ezinkulu ezifana nezikanogwaja, wagxumela ethangeni lami. Futhi ngathatha . . .

46 Wayethi ukuba mncane, niyazi, niyazi, kade engekho isikhathi eside, futhi unemilenze emifushane, futhi wayengakwazi ukufinyelela phansi, ngakho waqala ukuxegezela, ngakho ngamgaxa ngezingalo zami zombili ukuze ngimbambe. Niyabo, wayengaqinile njengoba uBecky ayenjalo, uBecky wayesenesikhathi esidanyana ekhona, wayekwazi ukubeka izinyawo zakhe kwiphansi, wayesenesikhathi eside ekhona, kodwa uSarah wayethi akabe omncane, niyazi, uhlobo lokuxegezela, njengeBandla manje, ngakho wayengakahambi isikhathi eside kakhulu. Ngakho ngamdumela ngezingalo zami zombili, ukumvimba angawi, ngacabanga ukuthi uzowa, kwiphansi, wayengumfo omncane, futhi ngamdonsa ngamkhuphula ngamsondeza kimi.

47 Wathokomala phezulu esifubeni sami, angisoze ngakukhohlwa lokhu, waphendula lawo mehlo amakhulu ansundu, wabuka phezulu kuBecky, wathi, "Rebekah, dadewethu, ngifuna ukukutshela okuthize." Wathi, "Kungahle kube ukuthi uthole uBabayi wonke, kodwa ngifuna wazi into eyodwa, uBabayi unami wonke."

48 Kungaleyondlela, ngingahle ngingawabizi kahle amagama ami, singahle singakwazi, bazalwane, kodwa into eyodwa, inqobo nje uma Esenathi sonke! Ngakho asikunaki nokukunaka esikwenzayo, siqhubeka nje sikusho. Kunjalo. Makabe nathi sonke. Kunjalo.

49 Ngicabanga ukuthi inkathazo ngomnyakazo wethu wePentecostal, ukuthi thina si . . . sibone okuningi kakhulu sekuze kwaba yinto ejwayelekile kithi. Angicabangi ukuthi si ap- . . . Ngi, ngiyaxolisa, angikulungise lokho, angiqondile ukuthi mina . . . asikuthakaseli.

50 Kodwa ngi . . . Njengoba kwakukhona i—isaga esidala eNgilandi, futhi ngasizwa kanye, ukuthi i—imbongi yayibhala izinkondlo eziningi, futhi yayingakaze ilubone ulwandle, ngakho ngolunye usuku ithatha umcabango, izokwehlela olwandle. Futhi endleleni yayo eyehlayo, yahlangana nosawoti omdala (Niyazi nina bantu, abakubiza ngokuthi itilosi elidala.) futhi, liphuma olwandle nenqawe emlonyeni walo, no—nobuhwanqa esilevini salo, futhi cishe lineminyaka engamashumi ayisithupha ubudala. Futhi—futhi—futhi imbongi esencane yayilokhu iziqhenya yehlela ezansi, futhi itilosi elidala lathi embongini esencane, lathi, "Uyaphi, muntu wami omuhle na?"

51 Yathi, "O, Mnumzane," yathi, "Ngiyimbongi," futhi yathi, "Ngibhale ngolwandle, futhi...kodwa angikaze ngilubone namanje, futhi ngiyehla." Yathi, "O, angikwazi nje ukulinda ngize ngibone ulwandle, ukuzwa izinyoni zasogwini lolwandle, ngibuke isibhakabhaka esiluhlaza siziveza kowalo—kowalo amanzi amaningi kakhulu, ukuhogela ulwandle lukasawoti, nokubona amaza esakazeka eya phezulu *kanjalo*!"

52 Itilosi elidala lakhipha inqawe yalo, futhi laphimisa, lathi, "Hhe. Angiboni lutho oluxhuxhumisa kangako ngalo, bengilapho iminyaka engamashumi ayisithupha." Niyabo? Kunjalo. Wayekade ekulo kakhulu kangako, kwakujwayelekile kuye. Niyabo?

53 Yileyo indaba ngeBandla. Sibonile ubuhle bukaNkulunkulu kakhulu kangako sekuze kwajwayeleka kithi. Kunjalo, bazalwane, bodadewethu. Kunjalo.

54 Kungikhumbuza ngendaba encane engayizwa ngonyaka odlule, isitolo sezinto zikasheleni eLouisville, kwakukhona inenekazi elingena lapho, futhi lalinengane encane cishe, yayibukeka icishe ibe nezinyanga ezimbili ubudala, noma, iminyaka emibili ubudala, umfana omncane. Futhi lalizungeza kuwo wonke amagugwana amancane, niyazi, ukuthi amanenekazi, nithanda kanjani nina manenekazi ukuthenga ezitolo sezinto zikasheleni, njengomkami. Ngihlala ngimdabukela lapho ehlela edolobheni, ngabantu abanakekela isitolo sezinto zikasheleni, akathengi lutho neze, uhamba nje akubuke, akubeke phansi. Nomalokazana wakwami naye wayesezansi, o, he, he!

Futhi ngakho, wayecosha okuthile, akubuke, "Awu, buka lapha. Ucabangani ngalokhu na?"

"E-hhe."

Inenekazi lalithi, "Kukhona okufunayo na?"

"Qhabo, mem. Qhabo mem."

55 Akubeke emuva, akuphonse phansi ndawo ndawo, futhi athole enye into, bese-ke efika ekukweluleni. Awu, ngicabanga ukuthi lokho kuyahlekisa, kulungile kakhulu. Ngakho kulungile. Lokho kuhle futhi kuhlanzekile. Qhubeka nje ukwenze, inqobo nje uma wenza lokho, khona-ke lokho kuzolunga. Niyabo? Ngakho-ke akukwenzi kube kubi kakhulu.

Ngakho khona-ke, lelinenekazi lalinalomfana omncane, futhi lalimphatha lihambahamba, lalicosha igugwana elincane futhi lithi, "Buka, S'thandwa. Buka, buka."

56 Futhi wayelokhu egqolozele ngqo phambi kwakhe. Futhi ladlulela kwenye ikhawunta, futhi lathola enye into, nezinto ezincane ezazingaheha umfana omncane ocishe abenaleyo minyaka, futhi—nomfanyana wavele wamgqolozela ngqo nje phambi kwakhe, namehlo akhe egqolozele. Futhi ekugcineni,

abathengi baqala ukuqaphela ukwenza okungajwayelekile kowesifazane.

57 Futhi ngakho, emva kwesikhashana wavele wawela phezu kwenye yamakhawunta futhi waqala ukukhala kakhulu. Nabathengi bagijimela enenekazi ukubona ukuthi kwakuyini inkinga. Wayelokhu ethi, "Qhabo, qhabo. Khona, akunjalo."

Futhi bathi, "Yini engenjalo na?"

Wathi, "Yena . . . Sisanda kusuka kudokotela nje. Udokotela uthi ungcono, kodwa akangcono."

Futhi umthengi wathi, omunye wabo wathi, "Awu, Nenekazi, yini—yini engalungile?"

58 Wathi, "Muva nje, uvele nje agqolozele emkhathini. Yena . . . Noma yini ebifanele ihehe umfana omncane onguntanga yakhe, akumhehi." Wathi, "Nginyakazise izinsimbi ezincane nakho konke obekufanele kumhehe, futhi akumhehi, uvele agqolozele emkhathini."

59 Manje, ngiyamangala . . . Manje, angisho lokhu, ngomoya omuhle njengoba ngikwazi. Ngiyamangala uma uNkulunkulu engakanyakazisi sonke isiphiwo esincane Abengasinyakazisa phambi kweBandla obekufanele kuhehe iBandla elizelwe ngokusha, futhi noma kunjalo silokhu sigqolozela emkhathini futhi asibonakali siqonda ukuthi nguNkulunkulu esixwayisa ngalolusuku lokugcina esiphila kulo. Asikukhumbule lokho, mngane.

60 UNkulunkulu unyakazise u-Oral Roberts, nami . . . noma yini, zonke izinhlobo zezinto phambi kwabantu. Futhi, kusobala, siyazi ukuthi uSathane unyakazise izinto naye, kodwa hlalani nomBhalo, futhi niyazi ukuthi yikuphi okukaNkulunkulu nokungesikho. Niyabo? Kodwa zonke lezizinto uNkulunkulu azenzile . . . Lapho uSathane enyakazisa into ethize nga*lapha* ukuze akususe emzileni, hlala nemiBhalo ngqo. Asibheke ukuthi uNkulunkulu wenzani.

61 Manje, ngithanda ukufunda omunye umBhalo. Uma nifuna . . . Futhi manje, namhlanje bengizoshumayela ngendaba enganginayo, Angikaze ngishumayele ngayo okwamanje, ngizamile ogwini lonke, futhi angikakafiki namanje. Kodwa ngenyukela ogwini ngalesisikhathi, ngoba, njengoba ngishilo izolo ebusuku, ngikholwa ukuthi amagagasi amakhulu ahamba ngapha futhi ashaya ugu, kukhona i—kukhona ikhethini lapha, angeke kusaqhubekela phambili, ikhethini lesikhathi sikaNkulunkulu.

62 Njengoba ukhuluma ngamakhethini, ake nginixwayise, into ethize. Uzwile ngekhethini lensimbi, awukaze na? ikhethini loqalo lasempumalanga? Kukhona, kodwa kukhona amakhethini amathathu. Manje, ake ngisho lokhu ukuze kuzo . . . ngeke kulimaze, kodwa nizokwazi ukuthi ngiqonde

ukuthini. Kukhona elinye ikhethini, libizwa ngokuthi ikhethini elibukhwebezane; libuke lelo. Yilelo olibukayo, lizokwengamela, kodwa qaphelani. Niyabo? Kuzoba ngokudukisa kakhulu, bekungadukisa nabakhethiwe impela uma kungenzeka. Niyabo?

63 Futhi wonke umuntu uyesaba ngobukhomanisi. Awukho umBhalo eBhayibhelini, osho noma yini ngobukhomanisi, kuphela ukuthi uyo—uyoshisa isifebe ngomlilo. Kudlala ngqo ezandleni zikaNkulunkulu, kodwa bukani ubuRoma, yilokho okuzokwenza. Bukani nje. Akusikho lokho... Umphikukristu akalona lolohlobo oluphika ngokuphelele yonke into, kusondele kakhulu ngangokuthi kuyodukisa nabakhethiweyo impela uma kungenzeka, uJesu washo. Kubukeni lokho, yilokho ogcina ingqondo yakho kukho.

64 Manje, futhi phansi naphezulu ogwini, ngizama ukuhlwanyela yonke iMbewu engingakwazi, ukudonsela yonke into engaziyo ukuthi ngingayidonsela kanjani eMbusweni kaNkulunkulu.

65 Ngiyanibonga futhi nonke. Ngibuze abazalwane ukuthi bahlangabezane nazo zonke izindleko, futhi bakwenzile, futhi ngiyabonga ngalokho. Bathe bathathe umnikelo wothando, lokho ngizokufaka ngqo ezimishini phesheya kwezilwandle. Angiyisebenzisi imali ngesingami, ngithola iholo elincane ebandleni lami, amadola ayikhulu ngesonto, futhi yilokho kuphela mina... yilokho engikutholayo. Ngaphandle kwalokho, noma iyiphi imali ethathwayo iya emishini yangaphandle, futhi ngiyawela ngesingami futhi ngishumayele kubahedeni loMlayezo ofanayo eniwuzwayo nonke lapha. Futhi ngi—futhi ngizama ukwenza okungcono ukwedlula konke, ngoba ngiyazi ukuthi ngifanele ngiphendule ngemali eninginika yona.

66 Futhi njengomnikelo ngokwami, angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Bengishumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye, ngineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala, futhi angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Futhi asizeli neze uku... ngenxa yominikelo nezinto, kodwa bengihlale ngithi kubazalwane, uma bengazikhokhi izindleko, mangaziswe, itabernakele eJeffersonville lizokumela. Niyabo? Ngakho asifuni neze... Asikho lapha ukwenzela ukuthandwa ngabantu, asizele lutho lapha ngaphandle kokunisiza. Futhi siyethemba ukuthi sibe usizo oluncane kini, futhi ngokuqinisekile nibe yilo kithi.

67 Bese kuthi-ke, kulentambama, bengizoshumayela ngendaba ethi: *Lapho IMpumalanga NeNtshonalanga Kuhlangana*. Bengizokubeka, mhlawumbe ngesinye isikhathi ngiyokuthola, lapho ngikwesekela, njengoba ngihlala ngikwenza, ngize ngishaya umugqa wokushayela, lapho beshayela phansi leyonsinjana ecijile, lapho okwemvelo, futhi, impumalanga nentshonalanga kuhlangana, kodwa manje, uhlangothi

lokomoya luhlangene, UNkulunkulu uthumele ezansi insinjana ecijile yegolide, futhi. Mhlawumbe, ngesinye isikhathi . . .

68 Kodwa yona . . . Ngithembise ukukhulekela abagulayo izolo ebusuku. Ngibuzile, futhi bekukhona isixuku esikhulu sabantu ebebefuna ukukhulekelwa. Ngakho asithathe abantwana . . . yisinkwa sabantwana. Futhi namhlanje ngifuna ukuthatha indaba encane ejwayelekile, ngikhulume ngayo imizuzu engamashumi amabili elandelayo, uma iNkosi ithanda, amashumi amabili nanhlanu, amashumi amathathu ukuba kude kunakho konke, ukuze ngisheshise, ngoba uBilly ungitshele ukuthi uyehla futhi akhiphe isixuku esikhulu samakhadi omkhuleko.

69 Bangaki olapha abaphethe amakhadi omkhuleko ukuba bakhulekelwe na? Awu, kusendaweni yonke nje. Niyabo? Futhi kuzoba okukhulu . . . Futhi bangaki lapha abangenawo amakhadi omkhuleko futhi osafuna ukukhulekelwa na? Sizozama ukufinyelela kini futhi, ngakho, siqinisekise ukuthi wonke umuntu uyakhulekelwa. Futhi ngizokwenza konke engingakwenza.

70 Futhi ngifuna ukusho lokhu, kube nezikhathi eziningi lapho ngibuke khona imibono phezu kwabantu, akukho-nto ngaphandle kwalokho Ayokwazisa, kodwa niyabo, umbono awukuphulukisi. Uyakwazi lokho. Umbono . . . Wena uthi, "Awu, niyabo . . . "

71 Manje, othile wathi . . . wangibhalela incwadi eminyakeni embalwa edlule, futhi wathi, "UNkulunkulu wadingeka aphakamise u-Oral Roberts ukuba akhulekele abantwana baKhe abagulayo." Wathi, "U-Oral Roberts uzokhulekela amakhulu amahlanu ngaphambi kokuba ukhulekele ababili." Awu, mhlawumbe lokho kunjalo. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wanika u-Oral Roberts inkonzo futhi wenza lokho uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze, futhi Wanginika eyodwa, ngenza lokho Athi angikwenze. Izinkonzo zethu zihlukile. Inkonzo yami . . . ekaOral ingukuthi ukubeka izandla. U-Oral unalokho kukholwa kokuphikelela ukuba kuvuke lapho futhi . . . Kodwa mina, ngihlola lowomuntu kuqala.

72 Ake ngikubuze okuthile. Kuthiwani uma lesosifo sikuleyonhloso . . . lowo muntu ngenhloso na? Niyazi, ningangena enkathazweni eningi ukususa okuthize kumuntu uNkulunkulu akubeke lapho na?

73 Niyazi, umprofethi umi endaweni eyingozi. Niyazi, uMose wazigcina ephumile ezweni lesethembiso ngokwenza khona kanye lokho uNkulunkulu amtshela ukuba angakwenzi, elalela abantu. Senake nacabanga ngalokho na?

74 Nake nacabanga ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ngenkathi u-Elija, lowomprofethi onamandla, onempandla, nalabobantwana abancane begijima behla futhi behlekisa

ngaye ngokuba nempandla na? Awu, kuthiwani ngakho na? Bekumele akushiye kanjalo, kodwa ngaphansi kwentukuthelo, nalowomprofethi waphenduka futhi wabeka isiqalekiso phezu kwalabobantwana, futhi amabhere amabili esifazane abulala abantwana abancane abangamashumi amane nambili, umprofethi othukuthele. Yiqiniso lelo na?

75 Ufanele uqaphele kakhulu, kakhulu. Yingakho iziphiwo azinikezwa ngendlela abantu abacabanga zikanjalo. Iziphiwo zikaNkulunkulu zeqiniso zithunyelwa zivela kuNkulunkulu, futhi uyazibuka. Emsamo, bhekisisani futhi nibone.

76 Nangu owesifazane, mhlawumbe, emi lapha, inkathazo encane yowesifazane. Awu, kuthiwani uma enze okuthile nga*lapha* okubangele lokho na? Njalo kuzoya ngokuba kubi kuze kube yilapho . . .

77 Manje, anisho, nangu owesifazane elele lapha, emi lapha, noma elele lapha ohlakeni mhlawumbe, noma owesilisa, mhlawumbe leyondoda i—ingumuntu oziphethe kabi, kodwa ilele lapho nesifo samathambo. Impela, angikaze ngicele lutho kuNkulunkulu ngobuqotho ngaphandle kwalokho Akwenzile, noma wangitshela ukuthi kungani Wayengekwazi, futhi lelo yiqiniso impela.

78 Ngibuka ngale kulendoda ngiyabona inesifo samathambo, kodwa lapho yenze okuthize okungalungile. Manje, uma-ke ngithatha lokhu kukholwa kwami kokuphikelela, uma ngi—uma benginakho, anginakho, kodwa ukuba benginakho, futhi ngigijimele ezansi lapho futhi ngidluthule ngiphakamise leyondoda, futhi ngiyenze ihambe, bese kuthi-ke, lesosiqalekiso sikaNkulunkulu sibekwe phezu kwayo, futhi ngisisusa ngesiphiwo? Ngisenkingeni noNkulunkulu.

79 Yingalesosizathu emgqeni womkhuleko, ngibhekisisa ngempela futhi ngibone lokho Angitshela khona. Futhi uma ngiqhubeka ngikhuluma nabo, futhi ngikubona kulokhu kuphendula ukukhanya, ukukhanya, kanjalonjalo, ukukhanya, ngiyabona ukuthi kukhona okungalungile, khona-ke nginelungelo lokuza, unelungelo lokuza.

80 Kodwa ungase uthele amafutha endodeni noma kowesifazane usuku lonke, futhi ugxume phansi naphezulu, futhi udazuluke ngalolonke iphimbo lakho, futhi uqalekise odeveli, uzohlala khona lapho, ngoba unelungelo lokuhlala lapho, isono esingavunyiwe nakho konke. Niyabo? Ngakho, niyabo?

81 Kodwa kukhona abangamashumi amahlanu abaphulukisiwe emhlanganweni kaMfowethu Roberts koyedwa kowami, kodwa ngokuvamile, owami yileyo ehlulekayo kweyakhe. Niyabo? Yehlela lapha, khona-ke uthola ukuthi inkathazo ikuphi, khona-ke kuyaqondiswa, khona-ke izinto ziyalungiswa. Niyabo? Bangaki abakubonile lokho kwenzeka emihlanganweni

engeyami, noma yimuphi na? Ngani, impela. Impela. Niyabo? Impela. Niyabo?

82 Ngakho ku—kuyanensa, kuthatha isikhathi, ukubuka, ukuqiniseka ukuthi uqinisile, bese-ke ubeka leso siqalekiso phezu kukadeveli, khona-ke uma lowomuntu ezokukholwa ingxenye, kuzokwenzeka. Yebo, mnumzane. Akunandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, hlala nakho; sekushiwo, hlala nakho. UNkulunkulu wenza isithembiso, futhi ngezinye izikhathi ku—kungamaviki nezinyanga ngaphambi kokuthi kwenzeke, kodwa kufanele kwenzeke uma ungakungabazi, kufanele, ukukholwa kwakho kulokho okubone kwenziwe.

83 Manje, asikhothamise amakhanda ethu futhi. Nje... Othile ungitshele ukuthi nginamaphutha amabili amakhulu, elinye lawo, ngiqhosha kakhulu ngoJesu; futhi enye into izikhathi eziningi kakhulu emkhulekweni, angikwazi ukukwenza ngokweqile lokho, "Ngingathanda ukuthi abantu bakhuleke yonke indawo." Ngiyathanda ukukhuluma naYe. Futhi nginokuthengwa kweGazi laKhe lapha ezandleni zami kulentambama, ngifanele ngenze okuhle ukwedlula konke.

84 Baba waseZulwini, ngiqondise manje, nebandla elincane, lapha, linginikelela imikhuleko, ngisize, sebenzisa izindebe zenceku yaKho. Kanti futhi, sikhulekela ukuthi bazokhumbula ukuthi kuleliviki ezinkonzweni, ubusuku ngabunye, Ubulapha, Uzibonakalisile Wena lapha, yingakho bengizama ukubathola, Nkosi, ukwazi nje ukuthi nguWe. Ngingabathinti, nakancane, ngakho bebengeke bethi bekuyizandla zami, Nkosi, kodwa wukukholwa kwabo uqobo kulezozandla ezinezibazi zezipikili, Lowo esimthanda kakhulu, kungesikho ukubeka izandla zami, kodwa ukukholwa kwabo kuthinta Wena. Kodwa namhlanje, Nkosi, sizobenyusela emgqeni womkhuleko, Ngikhulekela ukuthi Uzonika ngamunye wabo ukukholwa.

85 Futhi manje ngikhethe umBhalo omncane lapha, umBhalo omncane ojwayelekile ukukhuluma ngawo, ukwakha ukukholwa kwabantu, hhayi ngasezimweni zesikhathi, njengoba kade ngenza, noma ngasemlayezweni othize wesiprofetho, kodwa ngasekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngokuba thina...Bafanele bacabange ngaleyondlela ukuze uMoya oNgcwele uhambe phezu kwabo. Manje, siphe khona, Nkosi.

86 Sisize manje, futhi kwangathi uBukhona baKho bungangena phakathi kwethu, futhi kwangathi kungabakhona ukuzamazama okungaka lapha, kulentambama, ukuze kuthi nxa sesisiya emakhaya ethu ehlukene, sengathi singasho, njengalabo ababephuma e-Emawuse ngalolosuku, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela bonke ezandleni zaKho manje, mina uqobo.

87 Njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, singahle singaphinde sihlangane lapha, abanye abantu abadala abalapha, abanye abasha bayobe bengasekho; Kungenzeka ngiyobe ngingasekho qobo lwami maduzane, angazi. Asazi. Kodwa mhlawumbe, uma ngibuya onyakeni, abaningi bayobe bengasekho lapha, noma, bayoba khona abanye.

88 Futhi, Baba, ngiyakhuleka ukuthi Uzothethelela zonke izono zethu, futhi sibhekise ubuso bethu eKalvari namadoda aqotho nabesifazane phambi kukaNkulunkulu. Sibusise manje njengoba iZwi liza ngaphambili, sengathi UngaLiletha eGameni likaJesu. Amen.

89 Ngale emiBhalweni, ngifuna nifunde eVangelini likaMathewu oNgcwele, isahluko se 12, futhi ngifuna ukuqala evesini lama 38:

> *Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.*
>
> *Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo* sifuna *isibonakaliso; kepha asiyikunikwa-sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*
>
> *Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba-sebuthunjini bomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*
>
> Futhi *amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*
>
> *Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

90 Ukuba bengizokuthatha kube yindikimba, nge, mhlawumbe ngendlela ngokusondela ehlukile, bengizosho lokhu: *Bhekani, Lapha Kukhona Omkhulu Kunabobonke.*

91 UJesu wayekade ekhuza lesosizukulwane ngoba sahluleka ukuMqonda. Manje, ngifuna ukuthi ninakisise. Futhi isizathu sokuthi ngiguqule isihloko sami sisuka *Umhlangano WaseMpumalanga NaseNtshonalanga* siye kulokhu, bekungenxa yo—yokwakha ukukholwa ngakuKristu uMphulukisi, esikhundleni sikaKristu uMsindisi, UKristu uMphulukisi, uMuntu ofanayo, kodwa, ukuze ukukholwa kwakho—kwakho kuzobe kubheke ekuphulukisweni, ngoba yilokho esikubekele eceleni lolusuku, ukukhulekela abagulayo.

92 Manje, isizukulwane Ayekhuluma naso, Wayebakhuza. Uma ufunda i—isahluko, awu, u—ukuqala kwesahluko, sizothola ukuthi uJesu wayenza imisebenzi yaKhe—yaKhe. Wayengumboni, Wayengeyena umboni kuphela, WayenguNkulunkulu nomboni. Wayengumprofethi, impela.

93 Babuza uJohane umBhaphathizi, "Ungu-Eliya na? UnguMose na? UnguJeremiya na? Uyi *lowo* Mprofethi na?" Niyabo? "Uyi *lowo* Mprofethi owayezofika na?"

94 Ubani *lowo* Mprofethi na? Uma uneBhayibheli iScofield, noma—noma iThompson Chain, nanoma ubani omfisayo, thatha ukufunda kwakho emphethweni, kuzobuyela kuMesiya, ngoba uMesiya wayezoba yilowomProfethi omkhulu. Bangaki okwaziyo lokho na? Thanini, "Amen." Wayezoba yi*lowo* Mprofethi, futhi Wayenguye. "Wena ngabe uyi*lowo* Mprofethi obezokuza na?" okuchaza uMesiya.

95 Yingalesosizathu owesifazane emthonjeni athi kuYe, "Ufanele ube ngumprofethi. Ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi ukuthi uMesiya, lapho Efika, Uzositshela lezizinto." Niyabo? Wayebheke lowoMprofethi-Mesiya.

96 Futhi uJesu, njengoba sibe nakho esifundweni sethu izolo ebusuku, *Izwi Elingaqondakaliyo*, khona-ke, sithola ukuthi—ukuthi abaningi babengaqeqeshiwe kulowoMsindo weZwi, futhi bageja iZwi lapho Lizwakala, ngoba WayeyiZwi. Asikusho ndawonye lokho. "WayeyiZwi." Manje, asikusho futhi. "U*yi*Zwi. U*yi*Zwi." Kunjalo.

97 Futhi konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, okwakuyiZwi, Wakuthululela eNdodaneni yaKhe, neNdodana yaKhe yaba nguNkulunkulu iZwi. Futhi konke lokho iNdodana eyayiyikho, Yanikela ngokuphila kwaYo, uNkulunkulu wavusa umzimba, itabernakele, lihlezi ngakwesokunene saKhe, nakho konke okwakuseNdodaneni, okwakunguYise, Wakuthululela eBandleni eGameni likaMoya oNgcwele. Ngakho kwakunguNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu ekithi. Niyabo?

98 Ngakho uma ukuphila kwanoma yini kukokunye, kwenza imisebenzi yakho. Isibonelo nje, bekungabanjani uma bengikutshele ukuthi impilo kaJohn Dillinger ibikimi na? Whewu! Ubuyogijima futhi ucashe. Bengingaba nezibhamu ezinkulu futhi ngibe umgulukuqu, ngoba impilo yakhe ikimi. Bekungaba yingozi ukuma ngaphambi kwami. Awu, ukuba-ke bengikutshele ukuthi impilo yomunye omkhulu, umdwebi odumile ibikimi na? Ubuyongilindela ukuthi ngithathe i—i—i—ibhulashi likapende kulentambama, futhi ngibeke ucezu lukaseyili lapha, futhi ngibambe lawo amahle, amagagasi olwandle engikhulume ngawo, imbongi, noma lezi ezinhle, izihlahla amaphayini amade, futhi ngikupende lapho kuze kube

sengathi ubumi nabo ngqo. Ukuba umoya wakhe ubukimi, bengingakwenza.

99 Awu ngakho-ke, uma uMoya kaNkulunkulu ukumuntu, uyokwenza imisebenzi kaNkulunkulu. UJesu washo okufanayo, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo?

100 Futhi ukuthi abantu baye basuke kanjani bangena ezivumwenikholo nokunye nokunye! Futhi uJesu wabatshela, wathi, "Nithathe imiyalo kaNkulunkulu, nayenza ize ngamasiko enu." Futhi khona-ke bathi, "Uphi uNkulunkulu na? Kwenzekani kuNkulunkulu kaMose na?" Usiza ngani uNkulunkulu womlando uma Engeyena uNkulunkulu ofanayo namuhla na? Niyabo?

Kusiza ngani ukondla inyoni yakho engumzwilili zonke izinhlobo zamavithamini amahle, futhi wenze amathambo amakhulu aqinile, nezimpaphe ezinhle, bese uyifaka esibiyelweni na?

101 Kusiza ngani ukuthatha umlando weBhayibheli, futhi ufunde ngoNkulunkulu omkhulu owavula uLwandle oluBomvu, uNkulunkulu owanisa phansi izinhlupho, uNkulunkulu owabona imicabango owawusezingqondweni zabantu, uNkulunkulu owayengaphulukisa abagulayo, futhi bathi, "O, kodwa izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Kusiza ngani ukufundisa abantwana bethu ezintweni ezinjalo, uma si—uma si—si . . .? Kuyinto edabukisayo.

102 Ngesinye isikhathi ngiseCincinnati, e-Ohio, futhi ngathatha uSarah omncane, ebengikade ngikhuluma ngaye emizuzwini embalwa edlule, futhi ngenkathi uMama esalungisa isidlo sasemini etafuleni lepikiniki lapho, sehla ukuyobuka indawo yokugcina izilwane, i . . . futhi ngezwa umsindo, futhi ngaya lapho, futhi kwakukhona ukhozi olukhulu, futhi babevele baluthola futhi balufaka kulesisibiyelo.

103 Futhi nginezihlonipho ezinkulu ngokhozi. Nonke niyizwile intshumayelo yami, *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke SaLo*. Futhi ngangihlala ngilubuka lolokhozi, ngoba uNkulunkulu wafanisa ifa laKhe nokhozi, futhi Yena unguJehova-Khozi, ngoba ukhozi lungandiza ngaphezulu kwanoma iyiphi enye inyoni. Ngani, uma uklebe ubungazama ukululandela, ubungabuthuka! Bese kuthi-ke, kulusiza ngani ukukhuphukela lapho uma lungenalo iso lokubona lapho lufika lapho na? Luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekile. UNkulunkulu ufanisa abaprofethi baKhe nezinkozi, eziya phezulu kakhulu, zingakwazi ukubona izinto ngaphambi kokuba zifike lapha. Niyabo?

104 Manje, futhi ngalubuka lolokhozi, lowomfo omkhulu kakhulu, ngamzwela kakhulu, wa—wayelele lapho ngomhlane wakhe, egunquzisa amehlo athi awabe nsundu akhe amakhulu,

eqalaza. Wasukuma, wabuyela *ngapha*, futhi ngaqaphela ikhanda lakhe lopha, ngaqaphela amaphiko akhe opha, futhi wayebuka phezulu *lapho* kokuluhlaza, phezu kwesibiyelo, futhi wayebuyela emuva ukuze aqale, futhi nakhu uyeza, futhi wayeshaya ikhanda lakhe kulesosibiyelo futhi lawomaphiko amakhulu ebhakuza, ekhipha izimpaphe, igazi lindiza ekhanda lakhe *kanjalo*, futhi wayewela emuva ngekhanda lakhe futhi abuke emuva phezulu *lapho*.

105 Niyabo, uyinyoni yasezulwini, wakhelwe amazulu, wakhiwa ukuze ajubalale ngaphezulu, kodwa ukuzuza ngempumelelo komuntu kwakumbambile. Wayelapho lowomfo, wayekwazi ukubheka ngaphandle, futhi wayekwazi ukubona lapho wayengowakhona, kodwa kukhona okwakumbiyele ngaphakathi.

106 Ngacabanga ukuthi lokho kwakungokukhulu... Bengiyobanika wonke upeni wemali ebenginayo ukuze ngimkhulule. Kodwa ini? Wabanjwa amacebo omuntu, ebiyelwe. Wayekwazi nokubona okwasezulwini, futhi wayakhelwe lokho, kodwa wayengeke afike kukho, wayeshaya nje akhiphe ubuchopho bakhe.

107 Ngacabanga, "Leyo yinto edabukisa kunazo zonke engake ngayibona." Kodwa khona-ke ngaphenduka, izinyembezi emehlweni ami, ngase ngihamba, ngase ngibeka uSarah omncane ethangeni lami, futhi ngathi, "Buka, S'thandwa. Uyakubona lokho na?" Khona-ke Okuthize kufika kimi, kwathi, "Lokho akukhona okudabukisa kunakho konke, Mfowethu." Ake ngikutshele. Kuthiwani ngabesilisa nabesifazane ozalelwe ukuba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ongabuka kuleliBhayibheli futhi abone uNkulunkulu ongakhulula, futhi enze zonke izinhlobo zezimangaliso ezinkulu nezinto, bese kuthi-ke isibiyelo sobufundisi esithile, sibabiyele ngaphakathi na? Futhi ungabheka lapho futhi ubone ukuthi yilapho wena ngempela... Okuthize kuwe kudonsela ngaphandle.

108 Kodwa okobufundisi kuthi, "Qhabo, ungakwenzi, lobo—lobo ubuhlanya. Ungakukholwa lokho." O, mfowethu, ungahlali ubiyelwe kanjalo. KunoMuntu ozayo ngolunye usuku owakhokha inani, wena ukuba uphume lapho: uJesu Kristu. Uma ubona imisebenzi yaKhe iqhubeka, ukubonakaliswa kwaKhe, amandla aKhe, uyakukholwa lokho, kungokwakho. Kukholwe nje ngayo yonke inhliziyo yakho, ngoba kungokwakho nawe, "Noma ubani othandayo."

109 Futhi kwakukhona uMuntu olungileyo Owafika ngesinye isikhathi, futhi wakuthenga wakukhipha, wakhokha inani futhi wakukhipha kulesosibiyelo. Uma ufuna ukuphuma, umnyango uvuliwe, futhi kukhona Oyedwa, omi emnyango nezandla ezophayo, ekubiza, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

110 Futhi ngenkathi lawomaJuda, a—ayecabange futhi ayezisho ukuthi ayemazi uNkulunkulu, futhi khona-ke ayebone lona impela iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, futhi usalibiza ngomsebenzi kadeveli!

111 Inenekazi elihlezi emuva *lapho* izolo ebusuku, belingazi ukuthi bekungumalokazana wakwami ebelikhuluma naye, lithe, "Lomfo ungumkhohlisi." Ngethemba ukuthi lokho kwehla kahle kuwe, Nenekazi. Yenyukela lapha emsamo, ume lapha, uma usuka uphila, khona-ke ngingumkhohlisi. Manje, khuphuka. Uma ngingumkhohlisi, mangife ngisami lapha, ebukhoneni bakho. [UMfowethu Branham uyathula kancane—Umhl.] Uhlakaniphe kakhulu kunalokho ebengicabanga ukuthi uyikho. Nokho, ukubuyela endabeni yami. Hhayi inkohliso! Ucabanga ukuthi ungayifihla leyo micabango na? Ubungeke ukwenze uma ubufanele.

112 Ubulungu bebandla abenzi lutho. Ungethembeli kulokho, kungcono ubalekele eKalvari.

113 Manje, uJesu wayesisola lesosizukulwane. Wayenze lezizinto, Wathi, "Hlolani imiBhalo. YiYo efakaza ngaMi. AkuMina okwenzayo, nguNkulunkulu, iZwi kiMi liZibonakalisa." Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, nokho aniNgikholwa njengoMuntu . . . "

"Angaba kanjani umuntu futhi abe uNkulunkulu na?" Abazange bakuqonde.

114 Wathi, "Uma lokho kuyimfihlakalo enkulu kini, khona-ke kholwani nje imisebenzi eNgiyenzayo. Angeke ukuqonde, kholwa nje imisebenzi, ubone ukuthi ingokomBhalo yini."

115 Futhi Akazange enze neyodwa into ngaphandle kokwakungokomBhalo, futhi Akazange enze neyodwa into uNkulunkulu waze waMkhombisa, embonweni, ukuthi enzeni, noma Washo into eyiphutha kuJohane 5:19, Wathi Akenzanga lutho uBaba waze waMkhombisa. Niyabo? Kodwa lokho uYise aMkhombisa khona kwakusemBhalweni ngokuphelele, kuhambisana nomBhalo. Futhi Wathi, "Ubani kini ongaNgimangalela ngesono na?"

116 Lapha esikhathini esingeside esedlule, urabi . . . UJohn Rhyn waphulukiswa, eyimpumputhe ngokuphelele, akazange . . . wayekade eyisinxibi, ethengisa amapensela eFort Wayne cishe iminyaka engamashumi amabili, eyimpumputhe ngokuphelele, futhi bamletha emhlanganweni, wayeyiKatolika, futhi wenyukela emsamo, futhi wathi . . . wedlula, futhi kwakukhona owesifazane owayedlule emsamo. INkosi yayiphulukise lowo wesifazane enokuvuvuka komphimbo okukhulu entanyeni yakhe, ngaphambi kokuba afike phansi lapho, wagijima wabuyela emuva ememeza kakhulu, ekhombisa intamo yakhe, wayengenakho.

UJohn Rhyn wayengolandelayo, wayekulalele lokho. Futhi ngambuka, ngathi, "Mnumzane, uyiKatolika nge—ngenkolo."

Futhi wathi, "Kunjalo."

Futhi ngathi, "Sekube yisikhathi eside kangakanani uyimpumputhe na?"

Wathi, "Iminyaka engamashumi amabili *nento*, Mnumzane." Wathi, "Ngangivame ukugibela u 'Garland' odumile kwaBarnum and Bailey, ngangingumuntu owenza amahlaya."

Ngathi, "Ngiyabona."

117 Futhi saqala ukukhuluma lapho imizuzu embalwa, ngambuka, ngobonile ukuthi indoda endala yayithembekile. Ngiyibonile ikwazi ukubona, ibona, ngathi, "ISHO KANJE INKOSI, unakho ukubona kwakho."

Manje, buka. Manje, ungagxumi ngokushesha kakhulu lapho Ekutshela noma yini, nguwe owenza lokho, khona-ke linda futhi ubone ukuthi Uphendula uthini. Niyabo?

Futhi indoda endala, bathatha. . .Bonke baqala ukukhala. Bamsusa emsamo. Futhi emizuzwini embalwa nje, nangu wayesebuyile futhi emgqeni.

Wathi. . .Ngambuza kuqala, ngathi, "Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?"

Wathi, "Yebo, Mnumzane."

Ngathi, "Ngiyisihambi kuwe na?" Wathi. . .Uyazi ukuthi ngivame ukwenza kanjani, ngixhumana nomoya wakhe ngaleyonkathi.

Wathi, "Yebo, kunjalo."

118 Ngathi, "Uma iNkosi ingembula okuthize kimi, uzo. . . okwenzile, noma obufanele ukwenze, noma lokho okufunayo," nokunye nokunye. Khona-ke Wahamba waqhubekela emuva, futhi ngamtshela zonke lezizinto ezehlukene, kwase kuthi-ke emva kwalokho, nakho kufika umbono, ngambona, futhi waphulukiswa, futhi ngamtshela ukuthi wayephulukisiwe.

119 Wabuya emgqeni, bamhola bambuyisa futhi, futhi ngakho, bamkhipha emgqeni ezansi lapho, akazange. . . wayeselahlekelwe ikhadi lakhe lomkhuleko. Ngakho khona-ke futhi ngabuza ukuthi kwakuyini inkinga.

Wathi, "Mnumzane, ungitshele ukuthi ngiphulukisiwe."

Ngathi, "Ungitshele ukuthi uyangikholwa."

Wathi, "Ngiyakukholwa."

120 Ngathi, "Ungibuzelani-ke pho? Bekungemina okutshele lokho, uphulukisiwe, bekungu 'ISHO KANJE INKOSI,' Lokho akushongo, 'Ngisho njalo,' bekunguYe Obekhuluma. Lowo ofanayo ongakufaka ngaphansi kokuphefumulelwa, angakutshela ukuthi bekuyini, futhi khona-ke Ukufaka

ngaphansi kokuphefumulelwa ukuze akutshele okuzoba khona. Uyazi noma u 'bekunjalo' beqinisile noma qha, ngokuqinisekile ubungamkholwa u 'kuzobanjalo.'"

Wathi, "Angiqondi."

Umuntu omdadlana ompofu, wakhuliswa ebandleni leKatolika, wa—wayengaqondi lutho mayelana namandla angaphezu kwemvelo. Futhi ngathi kuye...

121 Kwakukhona intombazane encane engum-Amish ngalesosikhathi, niyizwile indaba, yagxuma isuka opiyaneni, yayidlala *Inyanga Enkulu Manje Iseduze*, yagxuma futhi yaqala ukumemeza kakhulu, izinwele zayo zehlela emzimbeni wayo—wayo *kanjalo*, futhi iqala ukumemeza kakhulu, nokuqhubeka kokudlala kopiyano, "INyanga eNkulu manje isiseduze, uJesu onozwelo," kwase kuthi-ke emi lapho, wayedumisa uNkulunkulu.

Futhi ngathi, "Into okumele uyenze, ngukuqhubeka udumisa uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwakho."

122 Wathi, "Kulungile, Mnumzane. Ngiyabonga, ngiyajabula ukukwazi lokho." Manje, iKatolika lifundiswe ukukholwa lokho umpristi wabo athi kuyiqiniso. Ngakho waye...Ngangenza njengompristi kuye.

123 Ngakho ngobusuku obulandelayo wayesemhlanganweni, wayesemuva le phezulu kuvulandi osesitezi wesibili, futhi wayethi, kanye ngesikhashana, athi, "Wonke umuntu makathule. Makabongwe uNkulunkulu ngokungiphulukisa!" Awu, wayelandela imiyalelo. Ngakho abanye babangenisi, bezokhuphuka, bamthulise, ngathi, "Ningakwenzi lokho. Myekeni."

Futhi ngakho, konke phandle emgwaqeni, yonke indawo lapho ayeya khona, wayema kanye isikhashana, "Makabongwe uNkulunkulu ngokungiphulukisa!"

124 Ngakho wayethengisa amaphepha ezansi ekhoneni. Cishe amaviki amabili noma amathathu emva kwesonto lali... emva kokuba inkonzo isiphelile, wayesamile ezansi lapho, wayempongoloza, "Ngaphezulu! Ngaphezulu! Makabongwe uNkulunkulu ngokungiphulukisa! Ngaphezulu! Ngaphezulu! Makabongwe uNkulunkulu ngokungiphulukisa!" Futhi abantu babevele bamhleke, wonke umuntu, wayeyinhlekisa nje.

125 Ngakho kwakukhona omunye umfana omncane wezindaba ofikayo, futhi bamyisa endaweni yokugunda izinwele ukuze bamgunde. Wayefuna ukuwela, futhi umfana omncane wamholela ngapheshaya komgwaqo. Wahlala phansi esihlalweni, nomgundi, omunye wo*nqeqe* omncane, niyazi, futhi ngakho wabhixa ubuso bakhe, futhi walola ireza yakhe, futhi waqala ukuphuca ingxenye yobuso bakhe phansi.

Wathi, "Awusho, Baba Rhyn."

Wathi, “Yebo, Mnumzane. Yini, Ndodana?”

Wathi, “Ngizwile ukuthi wawenyukile ukuyozwa lowomshumayeli ongumgingqiki ongcwele ngenkathi wayephezulu lapha.”

Wathi, “Yebo, bengiphezulu.”

Wathi, “Ngizwile ukuthi uphulukisiwe.”

126 Wathi, “Yebo. Makabongwe uNkulunkulu ngokungiphulukisa!” Futhi amehlo akhe avuleka esihlalweni sokugunda izinwele. Washo waphuma kulesosihlalo, wehla ngomgwaqo nethawula lizungeze intamo yakhe, nomgundi wezinzwele emuva kwakhe. Umbukiso ongakaze uwubone! Futhi leyondoda ishumayela iVangeli ngalolusuku. Amen. Ngani na? Yathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Yebo, mnumzane.

127 Ngabizelwa ngale eBenton Harbor, eMichigan. Kukhona urabi, lesosikole, isikole samaJuda lapho, ngabizelwa laphaya okwengxoxiswano ngalorabi, umfo omncane, intshebe ebomvu nezinwele ezimnyama. Futhi yena . . . Ngangilindile ekujikeni noMnu. Rhyn, uyafika, wathi, “Ubani igama lakho na?”

Ngathi, “Igama lami nginguBranham.”

“Mm.” Wathi, “Mnu. Branham, ngithanda ukukubuza umbuzo.”

Ngathi, “Yebo, Mnumzane.”

128 Wathi, “Wawavula kanjani amehlo kaJohn na?” Wathi, “Ngiyazi ukuthi uJohn ubeyimpumputhe, ngimnika izipho zabampofu izikhathi eziningi.” Wathi, “Wawavula kanjani amehlo akhe na?”

Ngathi, “NgeGameni leNkosi noMsindisi wethu, uJesu Kristu.”

Waphendula ikhanda lakhe wase eqalaza kancanyana, wathi, “Akasiyo iNkosi noMsindisi.”

Futhi ngathi, “Awu, mhlawumbe hhayi kuwe, kodwa Uyikho kimi.” Futhi wathi . . . Ngathi, “UnguMesiya.”

Futhi wathi, “Akekho uMesiya.” Wathi, “Isela lalingaba kanjani uMesiya na?”

Ngathi, “Isela? Uqonde ukuthini, Rabi na?”

Wathi, “Awu, wayeyisela.” Ngathi . . . Wathi, “UmBhalo wakho uqobo wathi wayeyisela.”

Ngathi, “O, ufunda into engalungile, akukho eBhayibhelini.”

“Yebo,” wathi, “ngizokufakazela. Wadabula emasimini ommbila ngeSabatha wantshontsha ummbila.”

Ngathi, “Qhabo, Wakha izikhwebu. Niyabo?”

129 Futhi wathi—wathi, "Awu, wathatha into okwakungeyona eyakhe. Bekungeke kube yisela uma uthatha into okungeyona eyakho na?"

130 Ngathi, "Rabi, uqonde ukungitshela ukuthi awuyazi imithetho yakho uqobo yabaLevi na? Akazange aphule nowodwa umthetho, umthetho kaNkulunkulu. Umthetho uthi ungahamba udabule ensimini futhi udle, kodwa ungafaki lutho esikhwameni bese uphuma nakho." Umthetho wakhe uqobo! Lokho kwamnqoba.

Wathi, "Ngitshele, wenzeni kuJohn Rhyn na?"

Ngathi, "Angizange ngenze lutho, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wavula amehlo akhe."

"Akayona iNdodana kaNkulunkulu."

Ngathi, "Kungani Engesiyona na?"

Wathi, "Nina beZizwe angeke ninqume uNkulunkulu ophisi abathathu futhi niMnike iJuda."

Futhi ngathi, "Awu, asiMnqumi ophisi abathathu."

Wathi, "A, impela niyazama ukukwenza."

Futhi ngathi, "Rabi, uyabakholwa abaprofethi bakho na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "U-Isaya 9:6 wathini na?"

"Sizalelwa iNdodana."

Ngathi, "Wayekhuluma ngobani na?"

Wathi, "UMesiya."

Ngathi, "Khona-ke uyoba yini uMesiya na?"

Wathi, "UMesiya uyoba nguNkulunkulu."

131 Ngathi, "Ngitshele lapho uJesu ehluleka khona ukufakazela ukuthi Wayengeyena Lowo na?" Lokho kwamthola. Ngamqaphela njengoba wayemi lapho imizuzu embalwa. Ngathi, "Kunento eyodwa eqinisekile: Uyazi ukuthi uJohn ubeyimpumputhe, uyazi manje useyabona. Futhi ngiyasho ukuthi akukho ebengingakwenza, kodwa bekunguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uMesiya wenu uqobo enamenqaba, njengoba kwenza oyihlo, unjalo nawe, Rabi."

132 Emizuzwini embalwa, wathi, "Uma ngishumayela lolohlobo lwezinto, ngiyo . . . " Sasi . . . isikole sasiphezulu lapha egqumeni, sibuka ezansi ngasechibini, wathi, "ngizoba sezansi lapho, nginxiba ezansi lapho emgwaqeni."

133 Ngathi, "Rabi, ngingaqoka ukushumayela iqiniso, futhi ezansi lapho, ngilele ngesisu sami, ngiphuza amanzi egatsha futhi ngidla amakhekhe kasoda, kunokuba ngibe nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku, negama lami liyigolide kulendlu

phezulu lapha, futhi ngazi ukuthi ngangisephutheni." Kunjalo. Yebo, mnumzane.

Lapho eqala ehamba, izinyembezi ezinkulu zaziqathakela entshebeni yakhe, waqala ukuhamba, futhi wathi, "Ngizokubona ngesinye isikhathi."

Ngathi, "Awulinde kancane, Rabi."

Wathi, "Ngizokubona kamuva." Wayengeke esakhuluma nami.

134 Yilokho-ke. Wahlala neZwi. Akunandaba ukuthi Wenzani, WayeseseZwini, ngokuba WayeyiZwi. Khona-ke labobantu abaMkholwanga, futhi baMtshela ukuthi WayenguBelzabule, udeveli, zonke izinhlobo zamagama amabi.

135 Awu, uma Engangena eBandleni namuhla, ongakholwayo angasho into efanayo, ngakho niyabona ukuthi kuvelaphi. Nalawomadoda ayethi ayengamadoda angcwele, eziphatha ngokungcwele, ayephila ngokuhlanzekile, futhi ayeqotho. Ubuqotho akusikho, "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu," niyabo, "kodwa isiphetho izindlela zokufa."

136 Ngakho uJesu wayemi lapho ebasola ngokuMbiza ngoBelzebule. Wabona imicabango yabo, abakushongo ngokuzwakalayo, Wayibona imicabango yabo, futhi Wathi... wabatshela ngakho. Futhi-ke benyukela kuYe, emva kwakho konke lokho Ayekwenzile, futhi wabakhombisa isibonakaliso esiyiso sikaMesiya, nemisebenzi yakulandela, khona impela okwashiwo ukuthi Uyokwenza, khona-ke bakhuphuka, futhi wathi, "Nkosi, sithanda ukubona isibonakaliso esivela kuwe." O, he!

137 Manje, thatha lokhu ngothando lobuKristu, thatha lokhu enhliziyweni egcwele uthando ngawe, kodwa nje...luyalaya. Besingafuna kanjani ukuba nomugqa womkhuleko, sigijimele ngapha, omunye umhlangano, ngenkathi simi khona lapha futhi sibone iBhayibheli libonakaliswa noBukhona bukaJesu Kristu khona lapha phakathi kwethu na? Isimo saKhe sokuziphatha koyedwa esabo bonke. Niyabo? "Kodwa sithanda ukubona isibonakaliso esivela kuwe." Lesosibonakaliso senzeka ngesinye isikhathi, futhi wonke umuzi waseSikhari wakholwa kuJesu Kristu, kodwa abazange bakubone kwenziwa, bakholwa ngubufakazi bowesifazane, futhi wayeyisifebe, ngesinye isikhathi, futhi izinkulungwane zezikhathi sekwenziwe emhlabeni jikelele manje, kubukeni.

138 Kodwa niyazi, ngenkathi uJohane efika ukuzolungisela uJesu iBandla, kwakungekho nesigidi esisodwa sabantu abake bamuzwa. Futhi ngenkathi uJesu Kristu esemhlabeni, kwakungekho ikhulu elilodwa lezinkulungwane zabantu abake baMbona noma baMuzwa (Kodwa Weza kulabo ababemiselwe

ukuPhila, futhi baKwemukela.) nalabo Abatholayo, Wathola kuphela ikhulu namashumi amabili kuphela kubo. Niyabo?

139 Kukhona nje inani labantu elizoKwemukela, futhi uma lokho sekuyikho, yilokho-ke. Ezinye zazo, ungahle uthele amanzi kukho nazo zonke izinhlobo zakho konke, ayisoze yaletha—ayisoze yaletha—iqiniso ngaphambili, ayisoze yaLikholwa. Niyabo? Izolokhu iqhubeka nje, ngoba akukho lutho kukho ukukholwa ngakho. Njengoba umama wami waseningizimu wayevame ukuthi, "Angeke ulithole igazi kutheniphu," ngoba awunalo.

140 Manje, "Sithanda ukubona isibonakaliso." UJesu wabasola. Manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, ube nesibonakaliso sesiphiwo. Akukaze kube neminyaka ngaphandle kwalapho uNkulunkulu abenohlobo oluthile lwesibonakaliso ezibonakalisa Yena uqobo ndawondawo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . -torians noma ubani wabo angakutshela lokho, ukuthi yonke iminyaka, UNkulunkulu ubelokhu enesibonakaliso saKhe. Unikeze izibonakaliso kuyo yonke iminyaka.

141 Futhi khona-ke, uJesu wabhekisela kubo, futhi Wathi, "Esibi, noma, esibuthakatha, nesizukulwane esiphingayo sifuna izibonakaliso;" Manje, mangikusondeze lokho. A—angifuni ukuhamba kuze kubeleyithi kakhulu manje, Nginokuphawula cishe okune noma okuhlanu lapha okumele ngikwenze, futhi ngizokwenza ngokushesha okunokwenzeka ukuze sizoqala umugqa, kodwa ngifuna niqiniseke ukuthi niyakuthola. Bhekani, "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna izibonakaliso."

142 Siyazi ibandla laseKorinte, uPawulu kwakufanele elokhu ebatshela njalo . . . Omunye wayenehubo, futhi omunye wayenolimi, futhi omunye wayena*lokhu*, futhi omunye wayena*lokho*. Kungani uma . . . UPawulu wayekholelwa ekukhulumeni ngezilimi, kodwa akazange akusho kwabase-Efesu. Wayengabafundisa ukumiselwa ngaphambili nezinto ezinkulu, kodwa lezizingane, kwadingeka azinike ukudla kwezingane nokho, niyabo, wayengakwazi ukusukuma futhi abatshele izinto eziphakeme.

143 Futhi izwe ligcwele ubuKorinte namuhla. Impela. UNkulunkulu unguNkulunkulu omuhle, Uzokwenza lokho ukunikhombisa. Kodwa . . . UnguNkulunkulu omuhle. Njengoba uThomase athi, "Nkosi, ngaphambi kokuba ngike ngikholwe ukuthi Nguwe, ngizofanele ngifake isandla sami emilobweni yaKho—yaKho yezipikili zaKho, nasohlangothini lwaKho."

144 UnguNkulunkulu omuhle, wathi, "Woza lapha, Thomase." Wathi, "Manje, uyabona futhi uyakholwa. Mkhulu kangakanani umvuzo wabo abangakaze bakubone kodwa nokho

bayakholwa!" Niyabo, niyabo? Ngiyakukholwa ngoba iZwi lasho njalo.

145 Mkhulu kangakanani umvuzo umuzi waseSikhari oyowuthola kuneJerusalema ngoSuku lokwaHlulela, niyabo, ngoba bakholwa futhi abakaze bakubone, bakuzwa nje futhi bakukholwa, ngoba babekufuna!

146 Manje, Wathi, "Kodwa bayoba isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo." Manje, njengoba ngishilo izolo ebusuku, futhi sonke siyazi, ukuthi sonke isiprofetho sinencazelo embaxambili, inhlanganisela, iyaziphinda.

147 Senake nafunda ngalapho kuMathewu 3 lapho okwathi, "Ngibize iNdodana yaMi ukuba iphume eGibhithe, ukuze kugcwaliseke. . . " ngenkathi uJesu engena eGibhithe na? Buka inkomba yakho lapho, futhi ubone ukuthi akusho yini uJakobe, kodwa uJakobe wayeyindodana yaKhe, kanjalo noJesu wayeyiNdodana yaKhe. Niyabo, kune. . .isikhathi ngasinye kuyaziphinda, njengomlando. IZwi likaNkulunkulu liPhakade, Lilokhu lihamba nje.

148 Manje bhekani, Wayekhuluma ngesizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo. Ake ngisho lokhu ngobuqotho, Wayekhuluma ngalesisizukulwane. Ngokuba uma kwake kwabakhona okubuthakathaka, isizukulwane samanzi ezitsha, esigcwele ukuphinga njengalesisizwe, lababantu!

149 Bukani, isizwe sakithi sihola umhlaba ngokwezehlukaniso. Ongqingili babi kakhulu kunokuba kunjalo eParis, eFrance. Ngifunde isihloko, ngolunye usuku, lapho amaphesenti angamashumi amane kahulumeni ayeqashiwe kwakucatshangwa ukuthi angongqingili. Bengindizela eLos Angeles muduzane nje, futhi kubhalwa ephepheni esifundazweni saseLos An-. . .saseCalifornia kuphela, ongqingili, onyakeni ongaphambi kowedlule, bande ngamaphesenti angamashumi amabili.

150 Ihhovisi lami ligcwele izincwadi zomama abakhalayo, abafana babo bathatha abanye abafana baye emagunjini futhi behlala nabo. Bazihlukumezile ngokoqobo kakhulu, nokunye nokunye, baze baphendukezela imbangela yemvelo phakathi kowesilisa nowesifazane.

151 "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna isibonakaliso," lesisizukulwane, sibhekile, futhi bayokwamukela. Ini? Isibonakaliso sikaJona. Ini? Bayokwemukela isibonakaliso sokuvuka. "Ngokuba uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku; kanjalo iNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu," kodwa Iyobuye ivuke futhi. Futhi isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sizokwemukela isibonakaliso sokuvuka. Niyakuthola na?

152 Ngihlale ngimzwela uJona. Abantu abaningi basho ukuthi uJona, wahlubuka. Angikholwa ukuthi wabanjalo, ngikholwa ukuthi uma wayengumprofethi, iZwi likaNkulunkulu lalinaye kukho konke...UNkulunkulu ugcoba izinyathelo zabalungileyo. Anikukholwa lokho na?

153 Manje, siyazi wayefanele aye eNineve, lowomuzi omkhulu, ugcwele isono nokuphinga, futhi kwenyukela phambi kukaNkulunkulu, futhi, isigejane sabeZizwe ezansi lapho. Kodwa qaphelani, umuzi wawucishe ube ngusayizi weSt. Louis, umkhulu kaningana njengalelidolobha lapha, futhi babebabi nje. Futhi wayefanele ehlele lapho, kodwa walithola ithikithi lakhe lokuya eTharishishi, ngikholwa ukuthi leyo kwakuyintando kaNkulunkulu. Qaphelani, waphumela olwandle, futhi kwakhuphuka isiphepho, futhi babopha izandla zakhe, bamphonsa olwandle.

154 Lapha kungekudala eLouisville, eKentucky, babenohlaka lomkhomo lubekwe phezu kwe—kwe (O, sekucishe kube yiminyaka eyishumi nanhlanu, amashumi amabili edlule, ngiqagele.), lubekwe phezu kwe—kwenqola yesitimela eyisicaba enkulu, futhi lowomfo omdala owayemi phandle lapho wathi, "Manje, ngifuna ukukutshela, uyizwile leyo—leyondaba eyimfihlakalo mayelana noJona egwinywa umkhomo." Wathi, "Ngifuna ukukukhombisa ukuthi akunakwenzeka kanjani lokho." Wathi, "Indoda yayingeke ihambe yedlule emphinjeni walomkhomo." O, yayingubusayense bonke, niyazi.

Wathi, "Uyabona, bekungeke kube ibheysbholi ihamba yedlula ekugwinyeni kwawo." Futhi lomkhomo wawunesisindo, ngiyakhohlwa ukuthi amathani amangaki.

Ngavele ngama njengoba ngangingeza, ngakho ngathi, "Mnumzane, ngingasho izwi na?"

Wathi, "Kuyini, Ndoda eseNcane na?"

155 Ngathi, "Uyehluleka ukuqonda iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu akakaze athi kwakuwumkhomo, kwakuyinhlanzi ekhethekile. UNkulunkulu wamlungisela inhlanzi, lokhu bekungagwinya indlu uma ubethanda." Lokho kwanciphisa izimpaphe zakhe. Niyabo? Lena kwakuyinhlanzi ekhethekile, "UNkulunkulu wamlungiselela inhlanzi." Yayinomphimbo omkhulu, futhi yagwinya lomshumayeli, futhi wayeboshwe izandla, eboshwe izinyawo.

156 Futhi, niyazi, uphakela inhlanzi yakho efuywayo, niyazi ukuthi kwenzekani na? Ngani, iqonda ngqo e...Ngemva kokuzingela izungeza emanzini ukuze ithole ukudla kwayo, khona-ke lapho isisuthi, yehlela phansi ngqo ekugcineni komgqomo omncane wenhlanzi efuywayo, futhi iphumuza izigwedli zayo ezincane phansi, iphumule. Yilokho ekwenzayo, zonke izinhlanzi ziyakwenza lokho.

157 Futhi lenhlanzi enkulu ekhethekile kufanele ukuthi yenza into efanayo. Kungenzeka ukuthi . . . Angazi ukuthi kwakujule ngesilinganiso samafidi kangakanani lapho, kodwa yazingela izungeza yaze yagwinya uJona, futhi khona-ke kufanele ukuthi yehlela phansi ngqo ekugcineni futhi yaphumuza izigwedli zayo phansi ngqo, ilele lapho. Nangu uJona waye, phansi esiswini somkhomo ephenduphenduka ebuhlanzweni.

158 Uyakhuluma . . . nina bantu nikhuluma ngezimpawu, wayenodaba lwakho. Abanye babo bakhulekelwa, bathi, "Niyazi, ngi—ngi . . . isandla sami asingcono." Lokho kuhlangene ngani nakho na? Ngicabange ukuthi uyakholwa. Niyabo? Uthi, "Ngi—ngi—ngi—ngi—ngi—ngi—ngi—ngisaphethwe yikhanda." Kuhlangene ngani lokho nakho na? Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, uma unamaphawondi angamashumi amabili nesihlanu athenga isinkwa, isinkwa nakanjani sizoza, niyabo, unenani lokuthenga.

159 Futhi nangu uJona, uma ikhona indoda eyayinelungelo lokuba nezimpawu, wayenakho. Bukani, uma ebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, abuke *ngapho*, isisu somkhomo, *ngapha* kwakuyisisu somkhomo; yonke indawo ayebuka kuyo kwakuyisisu somkhomo, futhi izandla zakhe zaziboshiwe nezinyawo zakhe ziboshiwe, futhi wayesekugcineni kolwandle esiswini somkhomo ngosuku olunesiphepho. Ukhuluma ngezimpawu! Akekho okulesosimo esibi kangako lapha, ngiqinisekile. Futhi nango ulele. Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, "Kungokuyize kwamanga, angeke ngikholwe lutho lwakho. Kodwa kanye ngizobuka ethempelini laKho elingcwele."

160 Wayazi ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli, wakhuleka umkhuleko, wayesethi, "Nkulunkulu, uma abantu baKho besenkathazweni noma yikuphi futhi babuke ngakulelithempeli elingcwele, khona-ke uzwe useZulwini," futhi wakukholwa.

161 Futhi Nkulunkulu, angazi ukuthi Wenzeni, wabeka ithange lomoya-mpilo noma okuthize phansi lapho futhi wamgcina ephila izinsuku ezintathu nobusuku, ngoba wabuka ngakulelothempeli elanikelwa nguSolomoni, futhi kamuva wahlubuka, kodwa wayengaphansi kokuphefumulelwa ngenkathi ekhuleka, futhi uNkulunkulu wawuhlonipha lowomkhuleko futhi wamgcina ephila izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

162 Uma uNkulunkulu engawuhlonipha umkhuleko wakhe ngalolohlobo lwezimpawu, yini Abefanele asenzele yona namuhla na? Lapho abantu bonke bephulukiswa ngakithi yonke indawo, futhi asifanele sibheke ngasethempelini elenziwe ngezandla zabantu, kodwa iTempeli likaNkulunkulu lapho uJesu ehlezi khona ngakwesokunene, neGazi laKhe uQobo,

haleluya, iTempeli elingeshabalale, yini ebesifanele siyenze na? Amen. Bambelela kulo, qhubeka.

163 Niyazi, labobantu, ezansi lapho eNineve, babengabahedeni. Babekhonza lonke uhlobo lonkulunkulu babahedeni, nonkulunkulu wolwandle kwakungumkhomo, kusobala. NjengamaNdiya lapha ayevame ukukhonza ibhere elimpunga, laliyinkosi yamahlathi, uPekowis.

164 Ngakho-ke, lapho bona—lapho bona . . . Unkulunkulu oyinkosi yolwandle kwakungumkhomo, futhi umsebenzi kwakungabadobi. Futhi lapha konke, kulokhu ukusa okufudumele okukhanya ilanga, wonke umuntu wayephandle lapho bephonsa amanetha abo, izinkulungwane phansi naphezulu ogwini ziphonsa amanetha azo, kwakhuphuka unkulunkulu wolwandle, wonke umuntu wasukuma ukuba akhonze, wakhipha ulimi lwawo, umprofethi waphuma emlonyeni wakhe ngqo.

165 UNkulunkulu uyakwazi ukwenza izinto. Impela babezomlalela, unkulunkulu wabo wakhafula umprofethi ogwini. Niyabo, akukho okusebenza ngokungalungile, uNkulunkulu wenza yonke into isebenze kahle. Futhi washumayela, futhi uNkulunkulu wayihlonipha imikhuleko yakhe. Impela. Akumangalisi Akhuluma ngesizukulwane sikaSolomoni, noma—noma, isizukulwane sikaJona. Isibonakaliso sokuvuka.

166 Khona-ke, ngokushesha manje ekuvaleni. Wakhuluma ngeNdlovukazi yaseNingizimu, ezinsukwini zikaSolomoni. Manje, noma ubani uyazi ukuthi lapho uNkulunkulu ethumela isipho emhlabeni, futhi senqatshwa, kuyinxushunxushu kulesosizukulwane. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela niyakwazi. Futhi uma bemukela lesosipho, wunyaka wegolide kubo.

167 O, bamemukela kanjani uSolomoni nesiphiwo sakhe! Wonke umuntu, inhliziyo eyodwa kanye nanhliziyonye. Ngani, kwahamba emhlabeni wonke! Isikhathi esihle kanje pho! Wonke umuntu: "Ubufanele ubone ngale kwa-Israyeli, banendoda laphaya, bayenza inkosi yabo. O, uMoya kaNkulunkulu wabo ukuyo impela indoda! Ngani, inesiphiwo sokuhlukanisa! Awukaze uyibone into enjakho. Kuphelele." Inkulumo enje pho!

168 Bekungaba yinkulumo enjani namuhla uma lesisizwe esihlubukile besingabuyela kuNkulunkulu futhi semukele iSiphiwo saso, uMoya oNgcwele othunyelwe kuso! IRashiya ibiyoyeka ukwenza imicibisholo ye-athomu, izikhali zenuzi. Inqaba engcono kakhulu ebesingaba nayo, imvuselelo eyimfashini endala kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli emuva kulesisizwe.

169 Bekuyovala yonke imizi yezifebe, Bekuyokwenza ugweva ome kakhulu, ubezodingeka ukuthi azilungise imizuzu eyishumi

nanhlanu ukuze athole umswakamo owanele ukuphimisa. Bekuyokwenza—Bekuyokwenza, impela, Bekuyosenzela okuthize, uma nje besingaKuvumela kukwenze. Kunjalo. Khona, kuvale onke amajoyinti kagweva, futhi onke amaphathi omculo wokuzibinya abeyovalwa, nemihlangano yomkhuleko ibiyoba yonke indawo, esikhundleni sakho konke lokhu kuqhubeka kombhedo abakwenzayo namuhla. Yebo, mnumzane. Bekungaba njalo.

170 Kodwa, niyabo, ngeke basemukele iSipho sabo. Sithunyelelwe iSipho esikhulu. UNkulunkulu wanikela ngeNdodana yaKhe, baYenqaba. Kwenzekani ku-Israyeli na? Ubesenxushunxushwini kusukela lapho. UNkulunkulu wathumela oweZizwe, ngezinsuku zokugcina, uMoya oNgcwele, futhi bayaWenqaba. Kuyini na? Inxushunxushu, ukwahlulela.

171 Phumani eSodoma, ningabheki ngisho nasemuva. Ningalingisi ezinye zalezi lapha izinto zesimanje, bhekani ngaseKalvari, qhubekani nibuka ngaleyondlela. Ningabi nandaba ukuthi likhulu kangakanani ibandla, uma kuyimishini ekhoneni, yitabernakele elincane elimpofu, noma ngabe kuyini, nabobonke ababo baya kulezizindawo ezinkulukazi, ningakunaki; bhekani ngaseKalvari. Yebo, mnumzane. Hlala nendoda yakho kaNkulunkulu ekufundisa iZwi, futhi uhlale nayo ngqo, hlale noKristu ngqo, futhi ulokhu uqhubeka. Qaphela. Khona-ke . . .

172 Uyazi, ukuphela kwendlela okwakudingeka bathumele ngayo umlayezo ngaleyonkathi kwakungumlomo nomlomo. Manje, banocingo, itelevishini, nakho konke okunye. Kodwa lapho uhide lwamakameli beliyodlula, luya ezingxenyeni zezwe, wonke umuntu ubeyobuka futhi abone lamandla amakhulu uSolomoni ayenawo. Futhi, niyazi, ekugcineni kufika le ezansi kungena eNingizimu; kwakuyiNdlovukazi yaseSheba, okwakuyiyo.

173 Futhi uma ufuna ukukala ukuthi kwakukude kangakanani, kwaku—kuyizingxenye ezinkulu kakhulu zezwe elaziwayo ngaleyonkathi. UJesu wathi izingxenye ezinkulu kakhulu ze—zezwe, lokho yisimo somhlaba nezulu, izwe, inqubo yezwe, niyabo, hhayi umhlaba, izwe, futhi ngakho-ke, lezo kwakuyizingxenye ezinkulu kakhulu zawo.

174 Futhi leNdlovukazi encane yayingumhedeni. Futhi ngasosonke isikhathi umuntu othile edlula embusweni wayo, uthi, "O, ufanele ubone u-Israyeli! Ngani, banoNkulunkulu phezulu lapho, nalowoNkulunkulu uzimele Yena uqobo komunye wamadoda abo! Futhi bonke banhliziyonye." O, he! Uma thina maPentecostal besingathola kanjalo nje! Niyabo?

175 O, akekho owayengakhuluma ngokumelene noSolomoni. "O, ubufanele uzwe umelusi wethu. O, ngiyanitshela, kuyinto emangalisa kakhulu. Benifanele niye emhlanganweni ngesinye

isikhathi. O, uNkulunkulu usinike isiphiwo esikhulu!" Wonke umuntu enhliziyweni eyodwa futhi enhliziyonye.

176 Uma amaPentecostal, kungengaphansi kwezwe lonke, uma bebengavele, bonke bebeyovele bahlangane futhi baqhubeke futhi babe nezinhlangano zabo, kodwa babe munye! SinoKuthize okungokwangempela, hhayi, "*Laphaya*, uthi lokuqhwakela uklebe, abanalo," futhi, "isidleke segwababa *lapha*, abanaso." Kodwa bona bangabafowethu. "Wozani, sithethe indaba," tholani imehlukano yenu emincane futhi nikuxazulule, futhi nithole ukuzwelana, futhi niqhubeke, njengoba lamadoda enzile kulomhlangano. Niyabo? Uma kungenziwa lapha, kungenziwa kuyoyonke into nxazonke. NguSathane ozama ukulwa naleyonto. Yilokho kuphela. Khona-ke sihlangana ndawonye futhi ngempela besingafika ndawondawo ngenxa kaNkulunkulu.

177 Manje, ngakho, niyazi, ukukholwa kufika ngani na? Ukuzwa. LeyoNdlovukazi encane, kukhona okuthize ukuthi yayimiselwe ukuPhila; kusobala, "Bonke Ayebazi ngaphambili Ubabizile. Akekho ongeza . . . Bonke uBaba aNgiphe bona bazokuza."

178 Ngakho kwakufanele kube ukuthi wayefanele, emiselwe ukuPhila. Futhi okokuqala leloZwi libaneka ngapesheya, Kukhona okwamshaya, "Ngingathanda ukukhuphukela lapho. Ngingathanda ukukubona." Kulungile.

Uhide lwamakameli olulandelayo luyedlula, luza ngaleyondlela, sengiyambona ephuma, futhi, "Wena—wena wakoMkhulu, Ndlovukazi!"

"Yebo. Ufike ngayiphi indlela na?"

"Sivela enyakatho."

"Wedlulile ePalestina na?"

"Yebo."

179 "Ngicela ukukubona enqabeni uwedwa? Awusho, kuyiqiniso yini ngo-Israyeli phezulu lapho, ukuthi uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, uNkulunkulu wabo, uNkulunkulu wabo oyedwa, ingabe uzimele Yena uqobo komunye wamadoda abo na?"

"Kuyiqiniso, ngi—ngiyakutshela. Ngezwa ngakho ngenkathi ngiletha amakamela ami, nga—ngangenisa izinsuku ezimbalwa futhi ngabuka, futhi kuyiqiniso."

"O, ngiyabonga, Mnumzane! Ngiyabonga. Ungaphuma." Phuma.

180 Inhliziyo yayo iqala ukushisa. Kukhona okuthile lapho uzwa ngoNkulunkulu! Indoda njalo . . . Iyazi ukuthi ivela endaweni ethile ebumnyameni, futhi iyazi ukuthi ifanele ibuyele emuva ngaleyondlela futhi. Iyazi ukuthi ifike emhlabeni ngendlela engaqondakali, iphuma ngendlela efanayo. Ihlale izama ukubuka idlule ikhethini.

181 Qaphelani. Khona-ke, o, he, ngolunye usuku yanquma ukuthi yayizohamba iyozibonela. Yileyo indlela. Ungahlali ekhaya, ugxeke, hamba uthole. Ngakho yona—yona yalungela. Manje, niyakhumbula, leyontombazanyana yayinobunzima obuthile. Manje, benginithethisa bodade, manje ngizonitshela ngowesifazane wangempela, niyabo. Qaphelani, lona wesifazane omncane wayenobunzima obuthile. Manje, into yokuqala, engumhedeni, wayefanele ahambe ayobona ufata ongcwele webandla lakhe, niyabo, lapho angathola khona imvume; uyiNdlovukazi, khumbula.

182 Ngakho ngiyambona ehlela kumpristi ongcwele, futhi wathi, "O, Fata oNgcwele Mfundisi omkhulu, ngikuzwile ukuthi, phezulu kwa-Israyeli, banemvuselelo phezulu lapho, futhi izibonakaliso nezimangaliso ziyenzeka zikaNkulunkulu ongaphezu kwemvelo onendoda egcotshwe ngoMoya waKhe, futhi ikhuluma njengoNkulunkulu."

183 Sengiyambona ufata ongcwele ethi, "Manje, buka, mtanami, uyiNdlovukazi, unesithunzi, usonta kulelibandla elikhulu, awufuni neze uku...awufuni ukuba nanoma yini...Lowo ngumgingqiki ongcwele," noma, o, awu, uyazi. "Kuyi... Awufuni ukungena kuloluhlobo lwesigejane. Akukho lutho kukho. Banayo...Uzwa leyonto ngasosonke isikhathi. Sihlale sizwa ngo 'kuvula uLwandle oluBomvu' nezinto. Akukho lutho kulo. Uma kukhona noma yini ebizoqhubeka, bekuzoqhubeka ehlelweni lethu lapha, bekungaba khona lapha lapho esikuthola khona, nakhu lapho okufanele kube khona. Uyambona omkhulu, uDagoni ongcwele lapho na?"

184 "Yebo, ngimbonile. Kade ngimbhekile, ugogo wami wambheka, ukhokho wami wambheka, futhi ukhokho kakhokho kakhokho kagogo wambheka, akakaze anyakaze. Bangitshela ukuthi loNkulunkulu Uzenza abe ngowangempela kumuntu."

185 Niyazi yini—niyazi ukuthi kuyini ukukhonza isithombe na? Okhonzayo uzikhothamisa phambi kwesithombe, nakunkulunkulu ozicabangelayo ngengqondo ezicabangelayo, ucabanga ukuthi unkulunkulu uyamphendula. Kuphambene kanjani nobuKristu! Uthatha umuntu ophilayo, futhi aZithululele kumuntu, futhi amenze isithombe. Amen. Haleluya! Yilokho Akwenza ngosuku lwePhentekoste.

186 Ucabanga ukuthi ngimpongoloza ngokuhlanya, "Haleluya"? Kusho ukuthi, "Dumisani uNkulunkulu wethu." Ngakho, kodwa qaphelani. Angixhuxhumi manje, ngazi kahle nje ukuthi ngikuphi, niyabo, ngizwa kahle nje.

187 Qaphelani. Khona lapho sithola...Futhi lokhu...Wathi, "Manje, buka, Ndodakazi, uma uhamba uyozenza isiwula, ubuhlanya obunjalo, ngizofanele ngikunikeze iphepha lakho lesonto."

188 Sengiyambona, wama lapho kancane, wayesethi, "Awu . . ." Uyazi, uma uNkulunkulu ekhulumile enhliziyweni yakho, akukho lutho olukuzomisa, ngoba ukukholwa kufika ngokuzwa. Uthola ukubamba ukukholwa, futhi akukho lutho oluzokumisa, yilokho kuphela, uzohamba noma kanjani. Ngakho ukukholwa kuvela ngokuzwa, futhi wezwa ngakho, futhi yena, inhliziyo yakhe yayivutha ngaphakathi kuye ukukubona, wayefuna ukubona ukuthi kwakungokwangempela noma qha.

Sengathi ngiyambona ethi, wathi, "Ungahle unginike amaphepha ami."

189 "UyiNdlovukazi! Uzolahlekelwa isithunzi sakho. Uhlala endaweni engcono kunalolohlobo lwabantu." "Ushayela imoto engcono, uyazi," nalo lonke loluhlobo lwezinto, uyazi. Futhi ngakho, manje wayesenokuningi okumele abhekane nakho.

190 Ngakho uya ekhaya, futhi uyacabanga, "Manje, angazi. Ngiyifundile eminye yemiBhalo egoqwayo amadoda anginikeze yona, futhi kubukeka sengathi uma lowo bekunguNkulunkulu, uma lowo kunguNkulunkulu, khona-ke uma Ezimele Yena uqobo, ngendlela Abhala ngayo amaZwi aKhe *Lapha*, kuleyondoda, awu khona-ke, impela lowo kufanele kube nguNkulunkulu."

191 Futhi manje, ngiyakutshela ukuthi wenzani. Waphuma, walanda inqwaba yobucwebe, inqwaba yegolide, nenqwaba yempepho, nezipho ezinothile, futhi washo lokhu, "Ngizohamba nakho, futhi uma kuyiqiniso, ngizokweseka; uma kungelona iqiniso, ngingayibuyisa imali yami ngqo."

192 Wayengafundisa abaningi bethu thina bantu abangamaPentecostal ukuhlakanipha okuthile. Ukuvumela ibandla lakho uqobo ukuba ligijime lehle futhi lisekele okuthize emsakazweni, bebengakuhleka, bahlekise ngawe, yona impela into oyikholwayo. Futhi nokho, uyahamba . . . Asikho isidingo sokuqaphela lokho, uyazi ukuthi kuyiqiniso. Sekela ibandla lakho uqobo. Okunye kwalento lapha kuhlekisa ngawe, futhi kukubiza ngomgingqiki ongcwele, kuphika khona kanye ukukholwa, ne—nezinto ezinjalo, futhi nokho, unikela imali kukho! Bengingeke ngibe nezinto endlini yami. Kunjalo.

193 NgiyiPentecostal, futhi ngiyakholelwa kuMoya oNgcwele kusukela phezulu ekhanda lami kuya ematheni ezinyaweni zami, nakimi wonke, inhliziyo, umphefumulo, nomzimba. Ngiyakholelwa kuNkulunkulu, ngiyalikholwa iZwi, ngikholwa ukuthi liyiqiniso, futhi angifuni ukwesekela lokho. Ngakho wayengasifundisa okuthile.

194 Manje, wabophela amakamela akhe. Manje, akakaze acabange . . . Khumbula, nayo yonke leyongcebo, edabula kulologwadule! Futhi lalelani, akulona uhambo olufushane. Uyazi ukuthi kwathatha isikhathi esingakanani egibele ikameli na? Izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye.

Manje, wayengenayo i-Cadillac enesishayisamoya... Kwadingeka anqamule eSahara, ngakho kwamthatha izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye zakhe egibele ikamela.

195 Akumangalisi eyosilahla lesisizukulwane, abanye angeke beze ngapheshey a komgwaqo, ngeke bashayele ngale ekhoneni ngeCadillac enesishayisamoya. Kunjalo. Niyabo? Qhabo, ngeke bakwenze, kodwa wathatha uhambo lwezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, futhi ngaphandle kwalokho, amadodana ka-Ishmayeli yayisehlane ngalolosuku, abaphangi, nayo yonke leyongcebo.

196 Kodwa *ngandlela thize enye*, lapho uphokophelele ukubona uJesu, akukho okuzokuma endleleni yakho, uqhubeka noma kanjani; awuyiqapheli ingozi. Uthi, "Umyeni wakho uzobaleka ekhaya lakho." "Umkakho angeke aphinde akwemukele." "UBaba, umama akukhiphe." "Bazokuxosha ebandleni." Awuziqapheli lezozinto, uzama ukufika kuYe, uzama nje ukufika Lapho ngamandla akho onke, ngoba into ethize enhliziyweni yakho, iyavutha.

197 Manje, waqala ukunqamula ugwadule, futhi lapho ekwenza, mhlawumbe kwadingeka ahambe ebusuku. Wayenezincekukazi zakhe ezimbalwa kanye nabathenwa bakhe. Awu, kwakungaba yinyamazane edliwayo elula kanjani kubantwana baka-Ishmayeli! Babulale nje lesosigejane sabathenwa futhi bathathe lonke lelogolide nokunye, lawomakamela athweswe khona, kwakuyobalula. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu uhlale ekwenzela indlela uma ufuna ukufika kuYe. Angazi ukuthi Ukwenza kanjani, kodwa Uzokwenza. Lapho ingekho indlela, khona-ke UyiNdlela. Wenza indlela yakho.

198 Manje, wawela ugwadule. Wafika. Manje, akezanga njengabantu abaningi, njengoba ubaqaphela, Ngibaqaphelile khona lapha emhlanganweni, uyasukuma, uthathe indikimba, futhi usho amagama amabili noma amathathu ukuthi abantu bathi, "Awu, angazi ngalokho. Angikuqondi nje lokho." Uyazi ukuthini? Bazosukuma futhi baphume, angeke bakulalele. Khona-ke uyathatha futhi, bavele babonakale sengathi abafuni uku—ukuKunaka. Futhi uma—futhi uma uhlala isikhashana nje eside, mhlawumbe, asithi usuleyithi ngesigamu sehora noma *enye into* efana naleyo, o, he! Mm! Abakwazi nje ukukumela.

199 Ngenkathi uPawulu eshumayela iVangeli elifanayo ubusuku bonke, umfana wawa ngefasitela wafa. Bacabanga ukuthi babezofanele balethe eyodwa kithi izolo ebusuku, ingane encane, kodwa iNkosi yakuthatha.

200 Kodwa qaphelani, qaphelani ukuthi kwenzekani. Wase-ke ekhuphuka, futhi wathatha okwanele...Wethulula amakamela akhe nezinto egcekeni lesigodlo, futhi uzele ukuzohlala, nokufunda imiBhalo egoqwayo aze ukuba wayeseneliseke ngokuphelele.

201 O, owesifazane omuhle kangaka! Ngiyalibonga lelonenekazi elincane, lalizohlala kuze kuba selineliseke. Lalikade lifunda yonke imiBhalo egoqwayo ka-Isaya umprofethi, nayo yonke eyehlukene, nenye eyehlukene eyayibhaliwe, nazozonke iziNcwadi zikaMose, nokuthi baluwela kanjani uLwandle oluBomvu, wayefuna ukubona ukuthi wayeyini lowoNkulunkulu.

202 Ngakho uyafika, futhi wathatha izincekukazi zakhe nezinto, wayesegxumeka ithende lakhe, futhi ngakusasa ekuseni, ungena ebandleni. Futhi ngicabanga ukuthi kwakukhona isixuku esikhulu lapho ngalokhokusa, futhi babedlala wonke umculo kaNkulunkulu, namacilongo ekhala, kanjalonjalo, futhi, he, bonke, into yokuqala, konke kwathula, futhi emva kwesikhashana, uMelusi uSolomoni uyeza ephumela ngaphandle, waphumela emsamo, indoda ebukeka yejwayelekile.

203 Angazi ukuthi wakhuluma ngani ngalokhokusa, kodwa noma ngabe kwakuyini, kwashaya iNdlovukazi encane, iqala ukuqaphela ukuhlakanipha. Kungahle ukuthi yalinda yaze yathola ikhadi lomkhuleko, ngakho noma kanjani ya—yalinda. Emva kwesikhashana, kufika isikhathi sayo sokukhuphukela phambi kwakhe, neBhayibheli lathi lapho ifika phambi kukaSolomoni, kwakungekho lutho olwalufihliwe kuSolomoni, wayitshela zonke izimfihlo zayo. Haleluya!

204 Leso kwakuyisiphiwo sokubona okufihlakele. "Futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." Ya. Wayitshela. . . IBhayibheli lathi akukho lutho olwalufihliwe kuSolomoni, wavele wama lapho, wayithatha, mhlawumbe lokho kuphela, futhi wavele wakwembula, futhi wayitshela ngalokho eyayikwenzile, nokuthi yonke into yayiyini, wakwembula.

205 Aniboni na? NguNkulunkulu ofanayo. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi nakho kumi ukuGcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, futhi wabiza udeveli. Akumangalisi Wayebasola.

206 Buka leyo Ndlovukazi encane manje. Sengiyavala. Okokuqala nje ukuba ike ibone noma yini yangempela. Yaphendukela ezethamelini, kuqala, yaphendukela emadodeni ayenaye, futhi yathi, "Nibusisiwe nina onalesisipho ngaso sonke isikhathi. Nibusisiwe nina okwazi ukubona lokhu nsuku zonke, amehlo enu abusisiwe." Cabanga ngomhedeni! "Amehlo enu abusisiwe, nina eningama futhi nibone lokhu," nina maPentecostal, "abusisiwe amehlo akho, ukuthi nithola ukukubona ngasosonke isikhathi."

207 Yayifuna ngisho nokuthatha ukungcola kubuyele ezansi ezweni lakubo. Ini? Yayibone into yangempela okokuqala ngqa. Yayikade ibone okuningi kakhulu izithixo, nesayense

yezenkolo, nokunye okuningi kokuzenzisa, kodwa hhayi umnyakazo wangempela kaNkulunkulu, futhi lapho ibone uNkulunkulu ngempela ehamba, yakubamba. "Futhi iNdlovukazi yaseNingizimu iyakusukuma ekwaHlulelweni kanye nalesisizukulwane, futhi isilahle, ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." Umfo omncane usanda kukubona okokuqala.

208 Sengivala, ngingahle ngenze lesisitatimende esincane, kungahle ukuba nganitshela ngaso phambilini. Ngiyazingela, lokho isikhathi sami sokuzilibazisa, ngidubula okuhlosiwe, ukuzingela, ukudoba. Umama wami omdala, osanda kushona, wazalwa ngokuxubile, ngakho, nokuphenduka kwami akuzange kukukhiphe kimi, ngisakuthanda okwangaphandle, ngibona uNkulunkulu.

209 Ngangivame ukuzingela phezulu emahlathini asenyakatho. Kukhona umfo phezulu lapho ogama lakhe linguBert Call, omunye wabazingeli abahle kunabo bonke engake ngazingela nabo. Awudingeki ukhathazeke ngokulahlekelwa nguye, wayazi ukuthi uzobuyela kanjani ekhaya. Futhi wayengumzingeli okahle, kodwa wayeyindoda enesihluku ukwedlula onke engake ngawabona. Angikaze ngimbone umuntu, wayenamehlo efana nawesibankwa, futhi a—angikaze ngiyibone i—indoda enokudelela ngokwedlulele empilweni yami. O, wayenonya ngempela. Futhi wayevame ukudubula amazinyane ezinyamazane nje, niyazi ukuthi yini izinyane, ingane encane yezinyamazane amadiye, wayevame ukuwadubula ukuze nje ngiphatheke kabi. Ngihlala ngikuzonda ukubulala abafo abancane. Futhi—futhi yena—futhi wayewadubula nje . . .

210 Manje—manje, uma umthetho uthi ungadubula izinyane, khumbula, lokho kulungile, ngangingumqaphi wezilwane iminyaka, futhi ngakho, uma umthetho uthi ungadubula izinyane lenyamazane, kulungile lokho. Akusiwo u—usayizi, ubulili, noma ngabe siyini isilwane, kuwukuthi bayakuvumela uyidubule noma qha. U-Abrahama wabulala ithole futhi waphakela uNkulunkulu, ngakho akulutho mayelana nengxenye *encane* ngakho.

211 Kodwa ukuba nokudelela nje, lokho kungukubulala ngamabomu kimi, kunjalo; ukubulala nje ngenxa yokuzijabulisa ngokubulala, lokho akulungile. Awufanele neze uthathe ngaphandle kwalokho okushiwo umthetho, futhi ukuthathe ngokufaneleyo nangobudoda. Konke okwenzayo, kwenze kahle, kunjalo, ngoba niyi "zincwadi ezilotshiwe ezifundwa ngabantu bonke," indlela eniziphatha ngayo, nezinto enizenzayo njengamaKristu.

212 Kodwa uBert wayezokwenza lokhu ukuze nje abenokwedelela, wayengumfo ononya. Ngaso sonke isikhathi

ngangikhuphukela lapho wa—wayebona izinyane lenyamazane, wayevele alisakaze, ukungenza nje...mhlawumbe angalicoshi ngisho, ukuba nje abenokwedelela.

213 Ngomunye unyaka, ngakhuphukela lapho sekuleyithi, ngaphuma emsebenzini sekuleyithi, futhi saba nenkathi yonyaka embi. Futhi inkathi yonyaka yokuzingela yayikade ingamavikini amabili noma amathathu, futhi leyo kwakuyiNew Hampshire, kwaku—kwakungaleya nje ePresidential Range, futhi kwakuyi—kwakuyizwe elihle kakhulu lokuzingela izinyamazane amadiye anomsila omhlophe. Ngicabanga ukuthi ninomnyuzi lapha, futhi uyanwabuzela futhi uyabhadazela phezulu ohlangothini olulodwa lwawo.

214 Ukhuluma ngoHoudini ngokuba yingcweti yokubaleka, ufanele ubone inyamazane enomsila omhlophe uma yesaba, ingavele inyamalale. Ngakho ufanele ube ngonembayo ngempela. Ungayikhubazi, ibulale, futhi, uma uzoyibulala, uma ungeke, iyekele. Ngakho empeleni kuthatha umzingeli okhaliphile nbgempela ukuthola inyamazane idiye yakhe. Ngakho ngiyathanda ukwenza lokho.

Ngakho khona-ke, ngenkathi siyozingela...Sahamba sayozingela, wathi, "Billy, usuleyithi ngamaviki amabili." Wathi, "Sineviki cishe kuphela."

Ngathi, "Yebo, kodwa Bert, ngokuqinisekile singayithola eyodwa ndawana thize."

"Kube nokudubula okuningi."

215 Futhi kufika iqhwa ngalobobusuku, cishe amayintshi ayisithupha noma ayisishiyagalombili, cishe indawo enhle yokulandela umkhondo. Futhi sihlala siphethe ujeke weflaski ogcwele ushokoledi oshisayo, lapho, uma sijikajika emahlathini futhi sifanele sihlale ubusuku bonke, ngani, bekungeke kusikhathaze, niyabo, futhi sibase umlilo.

Ngakho khona-ke, uBert wathi, "Ngikutholele okuthize, Billy."

Ngathi, "Kuyini na?"

Wathi, "Ngizokukhombisa." Weluleka futhi wathola impempe encane, futhi wayishaya, futhi yayizwakala njengengane encane yenyamazane yediye ibiza unina, niyazi, i—izinyane lenyamazane elincane, niyazi ukuthi awenza kanjani lowomsindo omncane oxakile.

Ngathi, "Bert, u—ubungeke ukwenze lokho."

Wathi, "A, yileyondlela ngani bashumayeli, ninenhliziyo yenkukhu." Wathi, "Awusoze waba ngumzingeli," wathi, "unenhliziyo yenkukhu kakhulu."

Ngathi, "Bert, kukhona into efana nokuba nenhliziyo yenkukhu, nento enjengokuhlanya." Niyabo? Futhi ngathi,

"Wena—wena—uyahlanya ukwenza into enjalo. Ungakwenzi lokho," Ngathi, "unya lolo."

Wathi, "A, hlakanipha, Mshumayeli. Woza, asambe."

216 Futhi ngathatha isibhamu sami esikhulu, sahamba, o, cishe kwaze kwaba semini, asibonanga-mkhondo. Futhi kwakungukukhanya kwenyanga futhi, niyazi, futhi zazizodla ngesikhathi sasebusuku, futhi ziyongena ngaphansi kwehlashana nanoma yini enye. Zaziyocasha emini yonke, futhi zaziyocishe zizibulalise ngendlala, ngoba zazidutshuliwe. Futhi ngakho-ke, asizange sibone ngisho umkhondo, cishe kwakusemini.

217 Futhi ngakho, uBert wahlala phansi, umlalela weqhwa omncane lapho imimoya yayilishushumbise laya emahlathini athize, kwakukhona isikhala cishe esiwusayizi ophindeke kabili walesisakhiwo. Futhi ngakho uBert wahlala phansi lapho, futhi yena—wabuyela phakathi, *kanje*, ngangicabanga ukuthi uzothatha ujeke waflaski futhi aphuze ushokoledi oshisayo. Sasidla isemishi lethu bese sihlukana, wayezoya ngenye ngale kweJefferson Notch, noma ngandlela thize, futhi ngangibuya ezansi ngaseWashington, ngokuvamile ngandlela-thile ngaleyondlela, futhi sasingahlangana ngelesishiyagalolunye noma eleshumi nqo enkanjini yokuphumula. Uma sithola noma iyiphi inyamazane idiye, besiyoyiphanyeka, ngosuku olulandelayo, siyothola ihhashi noma okuthize, siyilandele.

218 Ngakho khona-ke, ngacabanga ukuthi wayelungiselela ukwehlukana khona lapho, ngoba sasikhuphukela phezulu impela; akukho, akukho okungaphezu kwemithi yokwenza amapulangwe lapho. Ngakho wahlala phansi, welulela isandla ngemuva *kanje*, futhi wakhipha leyompempe encane. Futhi ngathi, "O, Bert, ungakwenzi lokho." Ngibona lawomehlo esibankwa engibhekile, futhi nje esineka njenge, angazi ukuthi ini. Wafaka leyompempe encane emlonyeni futhi wayishaya, futhi kuzwakala nje njengezinyane lenyamazane elincane, niyazi, ukuthi liwuhlobo olunjani lwecilongo ngomama walo. Futhi ngenkathi ekwenza lokho, ngaphesheya nje kwalesosikhala, enkulukazi inyamazane yesikazi yasukuma, inyamazane yesikazi inyamazane idiye engumama, niyabo, yasukuma. Ngangiwabona lawomehlo amakhulu ansundu eqalaza, lawomadlebe amakhulu acijile.

219 Kwakuyini na? Yayingumama, umntwana wayekhalile, wayesenkingeni. Wavuka, kusemini noma kungekho emini, ingozi noma kungekho ngozi, wayengumama; wazalelwa ukuba ngumama. Kukhona okuthile kuye, njengokuthi, ngisho nentombazane encane idlala ngonodoli, kuyini lokho na? Uzalelwe ukuba ngumama. Niyabo? Kukuye, kungokuzalwa. Wayengesuye umzenzisi, wayengafakile okuthile, wayengumama.

Futhi uBert wangibuka *kanjalo*, nalawomehlo esibankwa aphinda angibheka.

Ngathi, "Ungakwenzi, Bert. Ungakwenzi, Bert."

220 Wehlela phansi *kanjalo*, futhi wayishaya kalula impela, lowomama-diye waphumela ngqo kulesosikhala. Manje, lokho akujwayelekile, kakhulu. Ngalesosikhathi sosuku, nenyamazane idiye enomsila omhlophe, ngokuqinisekile kube ukudubula okuningi okuqhubekayo, ngeke bakwenze lokho. Angikaze ngibone noma yini enjalo empilweni yami. Waphumela lapho, waphumela ngqo phakathi, isikhala. Ngimbonile. . . Asilokothi siphathe igobolondo embhobhweni kuze kube usulungele ukudubula. Ngakho ngiyambona ethatha le .06 wayesefaka leyonhlamvu enkulu esakhowe eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili phezulu lapho. Wayengumnembi. Ngiyambona elinganisa *kanjalo*, futhi lawomehlo esibankwa ebuka kulesosibuko esandisayo, leyontambo eyisiphambano iza ngqo inqamule enhliziyweni yakhe.

221 Lapho i—lapho ibhawodi lehla, inyamazane idiye yalizwa ibhawodi, futhi yaphenduka, lezozindlebe ezinkulu zikhombe *kanjalo*. Futhi ngangimi ngemva kwesihlahla esithile. Futhi yayibuka lapho ngqo, awu, yambona umzingeli, kodwa yayingumama, ingane yayo yayisenkathazweni, ukufa noma kungesikho ukufa, yayifuna ukuthola ingane yayo. Futhi yona. . .

222 Ngisibonile lesosibhamu silinganiswa phansi, leyomizwa ethule yalowomfo, ngacabanga, "O, Bert, ungakwenza kanjani na? Emzuzwini owodwa kusukela manje uzosakaza leyonhliziyo kamama oqotho iyothi ngqu ngakolunye uhlangothi lwakhe." Niyabo? Esondele kakhulu kuyo, wayengekho ngaphezu kwamayadi angamashumi amathathu. Ngacabanga, "O, he! Uzo—uzosakaza inhliziyo yayo ithi ngqu iphume kuyo kulelobanga, leyonhlamvu enkulu *kanjalo* naleyo. . ." Ngacabanga, "Ungambulala kanjani lowomama efuna ingane yakhe, nokudlala indawo yomzenzisi ukumkhiphela lapha obala kanjalo na? Futhi lapho ukhombisa ukuthi ungumama wangempela. Ukufa noma qha, umntwana wakhe usenkingeni!"

223 Angikwazanga ukukubuka, ngaphendula ikhanda lami *kanje*, ngathi, "Baba waseZulwini, ungamvumeli akwenze. Ungamvumeli akwenze, Nkosi. O, angakwenza kanjani na? Angaba kanjani nonya njengobulala leyonyamazane idiye kanjalo na? Angakwenza kanjani lokho na? Nalowomama ompofu lapho, ebonisa lokho kwethembeka nothando ngengane yakhe, futhi khona-ke uzombulala kanjalo. Ngani na? Ungamvumeli akwenze, Nkosi." Ngangikhuleka nje enhliziyweni yami. Futhi mina, ngilinde ukuzwa lokho kuqhuma

kwesibhamu noma nini, futhi ngacabanga, "Ngokushesha nje lapho sidubula, konke sekuphelile."

224 Ngangimile amafidi amabili noma amathathu ukusuka kuye. Wayeguqe phansi ngasenqwabeni yeqhwa, olunye usebe *kanjena*, futhi ngaphezu ngqo kwehlashana elithile; kwakukhona isikhala khona lapho. Futhi mina . . .

225 Manje, isikhathi sokugcina engambona ngaso, wayephethe lesosibhamu ngqo *kanjalo*. O, he! Ukuthula, angizange neze ngizwe isibhamu siqhuma, ngacabanga, "Kwenzenjani na?" Ngangifulathele *kanje*, ngangi . . . Angikwazanga ukukubuka. Ngaphenduka ngabuka, nombhobho wesibhamu wawenza *kanje*, eqhaqhazela. Waqalaza, izinyembezi zazehla ezihlathini zakhe, wathatha isibhamu wasilahla phezu kwenqwatshana yeqhwa, wangidumela ngomlenze webhulukwe *kanjalo*, wayesethi, "Billy, sengenele yikho. Ngiholele kulowo Jesu okhuluma ngaye."

226 Lapho kuleyonqwatshana yeqhwa, ngaguqa phansi eceleni kwalapho, futhi ngambamba ngesandla. Uyidikoni ebandleni manje. Kwakuyini na? Wabona into ethile yangempela, into ethile eyayingafakelwe, uthando lukamama lubiza ingane yakhe. Wabona into eyayingafakelwe, noma umzenzisi, into ethize eyazalelwa kuye.

227 Mfowethu, dadewethu, yilokho izwe elikulambele namuhla, izinhliziyo ezilambile, ukubona into yangempela, uNkulunkulu wangempela, hhayi ukukhohlisa okuthile okubekwe phezu kwesayense yezenkolo yomqondo, kodwa owangempela, uNkulunkulu wangoqobo, nabangempela, abantu bangoqobo, ukumela Yena. Yingakho uJesu athi, "INdlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwaHlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle, ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni."

228 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana. Ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, ngifuna ukubuza umbuzo. Thembeka kimi kahle . . . Siyavala manje, mhlawumbe, abanye okokugcina ukubonana, abanye benu.

229 Nje—nje umkhuleko-buthule omncane enhliziyweni yakho uqobo. Bangaki phakathi lapha abangathanda ukuba ngumKristu ukuthi leyonyamazane idiye eyayingumama na? Ubungeke na? Kunjalo. Uvulande osesitezi? Ungathanda ukuba ngumKristu ukuthi leyonyamazane idiye yayingumama, ukuthi ungabonisa uthando lwakho ngoNkulunkulu njengokuthembeka njengaleyo nyamazane idiye na? Ngani? Yazalwa ingumama, yayingumama. Ufuna ukuba ngumKristu wangempela kanjalo na? "Uphile noma ufe, akunandaba ukuthi kwenzekani, ngifuna ukuba ngumKristu, owangempela." Omunye kuvulandi osesitezi na? Izandla ezimbili noma

ezintathu kuphela, lapho kukhona ikhulu kwiphansi elisekugcineni. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Ngi—ngiyazi uNkulunkulu uphezulu lapho nje, ngokufanayo. Nicabanga ukuthi nikude kakhulu kuNkulunkulu na? Qhabo, Ukuyo yonke indawo.

Asikhuleke manje. Ngabe sonke isandla siphakamile. . .? Khumbulani, Usibonile isandla sakho, angeke wanyakaza ngaphandle kokuba Yena akubone.

230 Baba wethu waseZulwini, sesifika ekuvaleni manje. Imizuzwana embalwa, umugqa womkhuleko uzobe uqala, abantu, beza ukuzokhulekelwa, futhi sicabanga ukuthi "Bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." Sibe cishe neminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu yokuloba komBhalo kaNkulunkulu. Mingaki eminye imiBhalo. . .Mkhulu kangakanani namhlanje, ekuPhileni kukaJesu Kristu! Washo kanjani ukuthi Uyonikeza isizukulwane esibi nesiphingayo isibonakaliso sokuvuka!

231 O, Baba, sibona Into ethize yangempela, sibona uJesu. SiyaMbona eBandleni laKhe, siyaMbona ehambahamba, enza imisebenzi Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Kushaya inhliziyo yethu, Nkosi. Sibumbe, sehlela endlini yoMbumbi manje, sephule, Nkosi, futhi usibumbe, futhi usenze amaKristu angempela. Siphe ukuzalwa okusha, i. . . siphe uMoya kaNkulunkulu kithi njengomoya wobumama owawukuleyonyamazane idiye. Siphe khona, Nkosi.

232 Bonke abaphakamise izandla zabo, siyabakhulekela, Baba, ukuthi Uzobanika isicelo sabo. Uma ngingeke ngikwazi ukubaxhawula kulomhlaba, sengathi ngingakwenza eZweni elingcono. Siphe khona, Nkosi.

233 Ngenxa yalokho kubonisa, ngiyacabanga, mhlawumbe inyamazane idiye engumama isaphila kuze kube namuhla. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzobapha impilo ende nenkonzo enkulu yaKho. Bathethelele izono zabo. Kungahle kube nabathile lapha abangaziphakamisanga izandla zabo, sebenzana nabo, Nkosi, mabazi ukuthi yini abayigejile ngokungayazi iNdodana yaKho, uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Ulapha namuhla, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi UzoMbonakalisa kakhulu, ukuze abantu babone ukuthi Usaphila, omkhulu kunoSolomoni. Sikucela eGameni likaJesu, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

Sizocula leloculo nje, ndawonye, ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko.

Ukuthembela kuphela ekufanelekeni kwaKho,  
Bengiyakufuna ubuso baKho; (Ungathanda  
ukubona ubuso baKhe na? Bheka.)  
Yelapha umoya wami olimele, ophukile,  
O, ngisindise ngomusa waKho.

Msindisi, (O, mlethe nje khona lapha. O, sizobehlisa lapho.)
. . . ukukhala kwami kokuzithoba;
Lapho Ubabiza abanye,
O, mawungangedluli.

Manje, okunye okuncane, ukukhothamisa amakhanda ethu, nezandla zethu ziphakeme, nilicule kancane ngempela kanye nami manje.

Msindisi . . .

Wena odingayo, dedela konke.

Yizwa . . . ukukhala kokuzithoba;
Lapho abanye Wena . . .

Phulukisa, lamaduku, Nkosi, abantu aya kubo eGameni likaJesu.

Mawungangedluli.

234 Ohlala ephila, ekhona njalo, elungele ukusiza, ukuphulukisa . . . Manje, ngikholwa ukuthi kukhona cishe amakhadi omkhuleko amabili aphumile. Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. Umhlangano uyavalwa manje, nani bantu abemukela uKristu, yenzani lokhu, yenzani lokhu, into yangempela. Ngikholwa ukuthi nikuqondile. Hamba uye komunye walababelusi, ubatshele ukuthi ufuna ukubhaphathizwa, bese uhlala lapho, bazokuyala ukuthi bazokuqhuba kanjani, kusukela lapho kuqhubeke. Yenza lokho, ungekwenze na?

235 Ungaveli ukudedele kuqathake lapho imvuselelo isihambile, qhubeka, ube ngumKristu wangempela, ozelwe, vumela uMoya kaNkulunkulu ungene kuwe. Uzoba ngumKristu njengoba umama inyamazane idiye wayeyinyamazane idiye, umama. Manje, yenza lokho, ungekwenze na? Ngizokholelwa kuwe, ngizokholwa ukuthi ngizophinde ngikubone ngakolunye uHlangothi, uma ngingaphinde ngikubone lapha.

236 Manje, siyakuqonda ukuthi, ukuthatha ngamunye ngamunye ngaphansi kokubona okufihlakele kulentambama, ngingathola cishe isigamu sedazini, futhi bengingawa. Siyakwazi lokho. Bangaki okuqondayo lokho na? Impela. Niyabo, ubungeke ukwenze. Kodwa uyakholwa, emva kokuba bonke lobubusuku sebudlulile, njalo ebusuku, uyakholwa ukuthi nguNkulunkulu na? Khona-ke ngi . . . Ngiyabonga.

237 Manje, ukuze uBukhona baKhe buzoba nami, ngizoMcela manje, ukuthi, uma Ezokwenza, lapha emhlanganweni, Akwenza ngenkathi Wayesemhlabeni. Manje, uma ngibheka phansi futhi ngabona, mhlawumbe, lona wesifazane osemusha ohlezi *lapha*, futhi bengizothi, "Ukhubazekile," noma ubani angakubona lokho. Niyabo? Kodwa kuthiwani ngomuntu thizeni phandle lapho obukeka enempilo futhi enamandla na?

238 Manje ake ngisho lokhu kanye futhi. Ukuba uJesu Kristu, iNkosi yethu, ubemi lapha namuhla, njengoba nje ngimile, egqoke lesudi Anginika yona, Ubengeke akuphulukise. Bangaki okwaziyo lokho na? Usevele ukwenzile, "*Ya*linyazwa ngeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo *sa*philiswa thina."

239 Manje, ngenkathi Efa, Wenza ukubuyisana ngokuphulukisa, sonke siyakwazi lokho. Uma ukubuyisana okudala kwakunokuphulukisa, *lokhu* kwakungokugcono. Wathi, "Ekubuyisaneni okudala," (Kungcono kangakanani?), Wathi, "'Ungabulali,'" kwadingeka abulale, isenzo, "Kodwa, 'Noma ubani othukuthelele umfowabo ngaphandle kwesizathu, usevele ubulele.'" Isivumelwano esidala sathi, 'Ungaphingi.' Lesi sithi, 'Obuka owesifazane amkhanukele usephingile naye kakade enhliziyweni yakhe.'" Niyabo? Kungokukhulu. Ngakho ukuphulukisa kwaphakanyiswa futhi kusukela kokudala kuya kokusha.

240 Manje, qaphelisisani manje. Khona-ke Ubezokwenzani ukuba Ubemi lapha na? Into kuphela Abengayenza, bekungaba ukufakazisa ukuthi WayenguJesu. Ngabe kunjalo na? Manje, uma-ke omunye ekhuphukela lapha enezibazi ezandleni zakhe, ne—ne—nezibazi zesipikili phezulu *lapha*, noma ngabe bekuyini, ameva, futhi . . .? Lokho kungaba yinoma yimuphi umzenzisi. Kunjalo.

241 Kodwa wazi kanjani, Wathi, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Abantu bakhuluma ngezilimi, bazisho ukuthi banoMoya oNgcwele, bese-ke bephuma futhi baqambe amanga futhi bantshontshe futhi bakhohlise, abanawo uMoya oNgcwele. Ngike ngabona izinyanga bathakathi zikhuluma ngezilimi, zibeke ipensela phansi, lehla lenyuke phansi epayipini lesitofu, bese lidlala lelo *Shave And A Haircut, Two Bits*, libuye lehle futhi libhale ngolimi olungaziwa, futhi umthakathi ame lapho futhi akuhumushe, futhi abatshele abakushilo. Manje wena . . . Ubabone bephuza abantu . . . phuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli amandla aze akuwise phansi, futhi ukhulume ngezilimi. Qhabo, qhabo, angalingisa noma yini, kodwa ukuphila yikho okubalulekile.

242 Manje, thatha ukuphila okusemvinini wamagilebhisi, noma, esihlahleni samapentshisi, futhi ukufake esihlahleni sama-apula, nhloboni yesithelo esiyoba naso na? Uma bekuyimpilo yesihlahla samapentshisi esihlahleni sama-apula, besizoba namapentshisi. Impela. Ngesithelo! Manje, ubeka ukuPhila kwaKhe *lapha*, khona-ke Kuzoveza lokho Ayeyikho. Sithole kanjani, kuleliviki, ukuthi bazi ukuthi WayenguMesiya na? Ngoba WayengumProfethi uMose akhuluma ngaye, Wababonisa ngezibonakaliso zaKhe. Futhi sedlule kanjani kukho! Manje, Usenguye uKristu ofanayo namuhla. Niyakukholwa lokho na?

243 Manje, buka. Manje, khumbulani, Wethembisa ukuthi

abeZizwe bayokwemukela into efanayo, lokho kubona okufihlakeleyo okufanayo uNkulunkulu akwenza emzimbeni womuntu wenyama ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe. Ngabe kunjalo na? Sonke siyakuqonda lokho manje na? Niyabo, bukani, uma kunzima ukukuqonda, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kanjalo kuyofika . . ." Kunezigaba ezintathu zabantu: abaseSodoma; noLoti, osivivi, ibandla ngegama, ibandla lehlelo; no-Abrahama, okhethiweyo, ngaphandle kweSodoma; iBandla elibizelwe ngaphandle, nebandla eSodoma.

Manje, bhekisisani, akusona isikhathi esizobhubhisa ngamanzi, Wathi kuyoba njalo, kodwa ukubhujiswa komlilo, manje okuzobhujiswa.

244 Bukani, babenomshumayeli, ababili babo ukuba ehlele lapho, izithunywa ezimbili, futhi zishumayele eSodoma. Futhi u-Abrahama, isiThunywa sika . . . phezulu *lapha*, Lowo owasala ngemuva wenza isimangaliso phambi kuka-Abrahama ngokufulathela ithende ngomhlane waKhe futhi ebuza u-Abrahama, emtshela ukuthi wayeyini, futhi ebuza . . . etshela umkakhe uSara . . . Hhayi u S-a-r-a-y-i, kodwa u S-a-r-a, okungukuthi, ngaphambi nje kwalokho, babeguqule igama labo, lisuka kwelakhe, u-Abrama, kuya ku-Abrahama; futhi wambiza ngo-Abrahama futhi naye ngoSara, futhi wathi, "Uphi uSara na?"

245 Futhi yena . . . Wathi, "Ethendeni emva kwaKho." Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Futhi uSara wahlekela ngaphakathi kwakhe, futhi iNgelosi-siThunywa u-Abrahama athi yayinguNkulunkulu, yathi, "Uhlekeleni uSara, ethi . . ."

246 Ake nginiphe umusa omncane lapha, bazalwane. Ngalowomzuzu, uNkulunkulu wayeyombulala uSara ngokungayikholwa leyoNgelosi, Akazange. Bheka leyoNgelosi, yehla futhi yatshela umkaLoti ukuba angabheki emuva. Niyabona ukuthi kwenzekani kuye, ngenxa yokungakholwa kwakhe na? Niyabo? Kodwa Akakwazanga ukuthatha uSara, ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama. Futhi namhlanje, ukungakholwa kweBandla leqiniso langempela, Linokungakholwa, kodwa Angeke aLithinte, sikuJesu. Niyabo? Angeke uthathe iBandla ngaphandle kokulimaza uKristu; Wayengeke amthathe uSara ngaphandle kokulimaza u-Abrahama, ngakho umusa wawusibekela.

Futhi uSara wesaba, futhi waphika; Wathi, "Ukwenzile."

Manje, uJesu wathi, "Kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

247 Nake naqaphela ukuthi *Abrahama* kuchaza ukuthi "uyise wezizwe"? H-a-m, kuwo wonke umlando wezwe, asikaze sibe nendoda phandle lapho eBabiloni, njengoba sazi ngakho, iletha

umlayezo onjalo, enegama elifanayo, esinalo namhlanje, G-r-a-h-a-m, ebandleni lehlelo. Manje, iBandla elikhethiwe, ngethemba ukuthi aniphuphuthekile. Manje, qaphelani, niyabo, impela nje ihlezi nokuKhanya kwakusihlwa, yonke into ngokwendawo efanele.

248 Manje, wayeyini uNkulunkulu. . .Manje, bangaki phakathi lapha abakholwayo ukuthi u-Abrahama wayeqinisile ngenkathi ethi lowoMuntu emi lapho edla ithole, ephuza ubisi, edla amaqebelengwane ombila, futhi ephuza ubisi phambi kuka-Abrahama, ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu na? Niyakukholwa na? U-Abrahama waMbiza ngoNkulunkulu, u-Elohim. Kulungile. Manje, Wayethini na? UNkulunkulu, ngaphambi kokufika kweNdodana yomuntu uyoZibonakalisa enyameni yomuntu, njengoba Enza ngaleyonkathi, futhi enze into efanayo. Uma lokho kuyiqiniso, uNkulunkulu makakhulume.

249 Baba waseZulwini, ngiyakhuleka ukuthi. . .Ngingahle ngingaphinde ngibe lapha, kukuWe, sisondela ekupheleni, Nkosi. Kodwa makwazeke ukuthi angiyena umkhohlisi, futhi ngimile lapha ngikhuluma iqiniso leVangeli. Futhi uma Uzophinda futhi, Nkosi, igazi labo libe phezu. . .hhayi phezu kwami. Siphe khona, Nkosi. UMlayezo waKho usuphumile, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngiyinceku yaKho.

250 Bangaki abantu abagulayo osesakhiweni na? Angazi muntu lapha. Ngizobheka kuqala ukubona manje ukuthi ngiqinisekile yini. Angiboni muntu noyedwa engimaziyo mina ngokwami. Manje, emuva le ngemuva nguFred Sothmann. Ngiyazi ukuthi kukhona abanye abantu engibaziyo, kodwa angazi ukuthi uFred ukuphi, ngimuzwile ethi, "Amen," esikhashaneni esedlule, kodwa angazi ngisho ukuthi ukuphi. Usemuva ngemuva ndawana thize, ngikuzwilwe le emuva. Ukuphi, Fred? Ya, le emuva lapho. Bangaki ngokuhambisana *lapha* ndawondawo abazophakamisa izandla zenu ukuthi anginazi na? Asibone. Oxakile ngokuphele nje, phakamisa isandla sakho. Kulungile, nakho-ke.

251 Ngizokwethemba umusa kaKristu. Ngizofulathela, ukwenza iBhayibheli nje. . .hhayi ukuba yihlaya, kodwa ukukhonza uNkulunkulu. Ngifuna abanye benu bakhulume naYe futhi bathinte ingubo yaKhe.

252 [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Kulungile, niyabo.) Manje, bazogudluza izelofoni lapha, umzuzwana nje. Bazoba, umugqa womkhuleko. Kodwa kuqala, ngifuna uku. . .engizama ukukuthola, ukuvumela uMoya kaNkulunkulu. . .Ngizokhuleka futhi ngibeke izandla phezu kwakho, futhi ngifuna nibone ukuthi ukugcoba kukaKristu akwehluleki.

253 Khona-ke, owesifazane omncane oyiKatolika, ezansi eSanta Maria, ngikholwa ukuthi kwakukhona, ngolunye usuku wadlula. Futhi uyadlula, lapho engena emgqeni, uyadlula, wathi, wayengowaseSpain, wayekhuluma ngokuyinqaba, wathi, "Ngiyazi ukuthi ubungeke ukwenze, futhi ngiyazi ukuthi akuwena, nguNkulunkulu. Beka izandla zakho kimi, ngizophila." Wakuthola khona lapho, khona lapho kwaqeda, niyabo, ukukholwa, ekholwa.

254 Manje, othile akakholwe. Yiba nokukholwa. Uma Ezokwenza, uzokwenza...kukwenza ukholwe na? Uzoba nakho ukukholwa na? Ngilindele nje ukubona ukuthi Uthini, ngi—ngingumuntu.

255 Niyakubona lokho kuKhanya na? Inenekazi elincane elihlezi khona *lapha*, ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Unezinkinga ezilakanyene, ubunenyumoniya noma okuthize kuqala, ikushiye ne, konke sekuvele kuhlakazekile. Kunjalo, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*, asazani. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Kungakusiza lokho na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Nkosazana Graham. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Wena nje kholwa uNkulunkulu.

Yiba nenhlonipho. Ungangabazi, yiba nokukholwa.

256 Khona ngemva phezulu *lapho* ezethamelini, emuva kulelodokodo elincane emuva lapho, niyakubona lokho kuKhanya kulenga lapho na? Ngowesilisa, owesifazane, owesilisa, bobabili; bayakhuleka. Into embi kangaka pho! Ngumoya omnyama, isithuthwane. Mnu. Higgins, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi into izokushiya; Nkk. Higgins, beka izandla zakho phezu kwakhe, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Nkulunkulu, ngiyamkhuza lowodeveli. Mdedele eGameni likaJesu Kristu!

257 Uyakholwa, Nkk. Higgins noMnu. Higgins, ukuthi akusekho kini na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa. UNkulunkulu akubusise. Ngiyisihambi kuwe, uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho futhi.

Manje, kholwani. Bathinteni na? Yibani nokukholwa, ningangabazi.

258 Inenekazi emuva *lapho* elinenkathazo yowesifazane, likhuleka ukuba uNkulunkulu aliphulukise, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, UNkulunkulu uzokuphulukisa ngenkathazo yabesifazane. Nkosazana Stanley, awusiye owalapha, ungowase-Idaho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho. Uma lokho ku—uma lokho kuyilokho inkathazo ebiyikho, vayizelisa isandla sakho futhi. Hamba uye ekhaya, uphile, uJesu Kristu uyakuphilisa.

Uyakholwa na?

259 Khona *lapha*, owesifazane, ukwethuka, izifo ezilakanyene, ekhulekela umyeni wakhe futhi, unenkathazo ngamehlo akhe. Kunjalo. Mnu. Griggs noNkk. Griggs, niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke ukuthi uNkulunkulu uzonisindisa na? Kulungile, yibani nokukholwa. Ngiyisihambi kini na? Vayizelisa isandla sakho. Kunjalo. UNkulunkulu anibusise, hambani futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu.

260 Kanjani phezulu laphaya kuvulandi osesitezi na? Ucabanga ukuthi ukude kakhulu na? Ungalokothi ucabange lokho. Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe.

Kukhona indoda ephethwe isifo samathambo. Mnu. Peters, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Yima ngezinyawo zakho, uJesu Kristu uyakuphilisa.

Kukholwe! Uyakholwa na? Manje, uzama ukufihla okuthile. Ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu.

261 O, Ulapha! Ungu-Alfa, u-Omega, isiQalo nesiPhetho. UyiNtebe yaseSharoni, uMnduze weSigodi, iNkanyezi yokuKhanya noKusa. OwokuQala, owokuGcina, Lowo owayekhona, nokhona, nozayo. UnguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, Ophilayo ophila phakade; Akafile, Uvusiwe futhi; ukuFika kwaKhe kuseduze. Phendukani, ukuze ukungakholwa kwenu kwesulwe, ngaphandle uma Enifumana nikhandlekile.

262 O Nkulunkulu, Baba wethu waseZulwini, yiba nomusa! O, yini enye Obungayenza, Nkosi na? Siphe, Nkosi, ukuthi wonke umuntu lapha uzoKwemukela manje. Futhi ngenkathi uMoya waKho usephezu kwethu, Nkosi, makuthi uMoya waKho oNgcwele uze manje futhi wenze umsebenzi okufanele wenziwe. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu.

263 Ngaphambi kokuba ngibe buthakathaka manje . . . NgiyaMbona enza okuthize okunye khona *lapho*. Ngaphambi kokuba ngihambe kakhulu, ngifuna labo nje abanamakhadi omkhuleko abami kuloluhlu. Futhi sizokwehla ngqo, noma nifuna . . .? Ngaphesheya lapha? Kulungile. Uthini? Lengxenye nje nekhadi lakho lomkhuleko, yima qekelele. Manje, ngizo . . . Kuloluhlongothi . . . Bese kuthi-ke, makuthi omunye abize enye ingxenye, esitezi esiphezulu, nasezinhlwini. Vumela . . . Bangaki abakulelodokodo phakathi lapho na? Angifuni ukuba ngilokhu ngikhuluma, angifuni, ngifuna Lokhu, kuhlale kimi, ngakho lapho ngibeka izandla phezu kwakho ukuthi uzokhuleka- . . . uzophulukiswa.

264 Ngizocela abazalwane bami, ukuze ibandla libone ukuthi akumina ngedwa, abazalwane banelungelo. Wozani lapha, bazalwane, wozani lapha, yimani phansi lapha kanye nami,

nonke nina befundisi. Noma yimuphi wabazalwane bami laphaya, abazalwane bami abangabefundisi, wozani lapha umzuzu nje, bafowethu abangabefundisi, wozani lapha, Ngifuna nina, abefundisi enikholwa ngenhliziyo yenu yonke.

265 Uma lelibandla lingeke lingabaze, uzobona enye yezinto ezinamandla kakhulu owake wayibona empilweni yakho. Kunjalo. Woza ngqo phezulu. Thathani imigqa yenu, uhlangothi olulodwa, olunye. Makuthi—makuthi lababefundisi badlule lapho bedlula kulemigqa lapha. Makuthi abefundisi beze lapha kuqala futhi bame imigqa ekabili ngapha ngqo ngakuloluhlangothi, abefundisi. Kulungile. Kuhle lokho.

266 Amakhadi omkhuleko kulengxenye, wozani ngapha futhi nime manje. Amakhadi omkhuleko ngale kulelodokodo, wozani futhi nime. Futhi masinya lapho lowomugqa wehla, loluhlangothi maluze, nalelo, bese-ke kuvulande osesitezi behle ngokulandelayo. Futhi manje, wonke umuntu manje, ngenkathi bona. . .esikhundleni sabo nendawo, ake si. . .Bese kuthi-ke, uma sinesikhathi esisele, bonke abanye babo bayeza.

267 Manje, sifuna ukukhulekela wonke umuntu, kodwa lalelani, angeke kwenze nelilodwa ichashaza lokuhle, uyedlula nje, uhamba, ngaphandle uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha emsamo futhi lesi isiyalo. Owesifazane wathi uyibonile iNkosi yethu uJesu, futhi wathi wayazi ukuthi uma wayengathinta ingubo yaYo. . .Manje, ungaMthinta. Kunjalo. Ukubonile Ayekwenza.

268 Manje, nakhu kumi abefundisi, amadoda agcotshiwe kaNkulunkulu ukuthi. . .ukunibeka izandla, njengami. Futhi lapho wedlula lapha, futhi sizokhuleka futhi sibeke izandla kuwe, futhi uma ukukholwa, suka kulomsamo, ulahle izinduku zakho zokudondolozela, izinduku zokuqhugela, noma yini engalungile, futhi uqhubeke uphume ukholwa. Ungaphinde ukudedele futhi. Hlala nakho, akunandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, hlala nakho noma kanjani.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuleka.

269 Baba wethu waseZulwini, sizokhulekela omunye nomunye, sivuma amaphutha ethu omunye komunye. Nkulunkulu, makuthi wonke owesilisa nowesifazane olapha manje bathethelelwe izono zabo, ngoba izandla zeVangeli zizobekwa phezu kwabagulayo nabahluphekile.

270 Nkulunkulu, uma benze noma yisiphi isono ebesingabenza bavinjwe, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uyabathethelela isono sabo. Futhi siyazi ukuthi sinye kuphela isono sasekuqaleni, futhi leso ngukungakholwa, "Ongakholwayo usevele ulahliwe." Futhi siyazi ukuthi ukungakholwa wukuphela kwesono esikhona.

271 Amadoda aphingayo, nabesifazane, nokunye nokunye, benza lokho ngoba abasiwo amakholwa, ukuba bebengamakholwa, bebengeke bakwenze lokho, bebeyokholwa nguWe, futhi babe nokuPhila okuPhakade. Wathi, "Okholwa yiMi, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze aya ekwaHlulweni, usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Lelo yiZwi laKho, Nkosi, ngakho kuphakathi kokukholwa nokungakholwa.

272 Nkulunkulu, makuthi wonke umuntu odlula lapha abeke eceleni konke ukungakholwa. Futhi uma bedlula lapha, kwangathi bangeza sengathi bahamba ngaphansi kwesiphambano saseKalvari qobo lwaso, neGazi liconsela phansi phezu kwabo. Kwangathi uBukhona obuligugu bukaMoya oNgcwele, Omkhulu kunoSolomoni, ume lapha namuhla emandleni okuvuka kukaKristu futhi uqinisekise konke ukugula okudlulayo. Siphe khona, Nkosi. Futhi sengathi bona, bonke, bangaphulukiswe ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu.

273 Onke amakhanda awalokhu ekhotheme, wonke amehlo awabe elokhu evaliwe, wonke umuntu ekhulekela omunye nomunye. Ngokushesha lapho lomugqa wehlela phansi, sizobiza umugqa olandelayo. Bekungathiwani ukuba lona bekungubaba wakho noma umama lapha emgqeni na? Ngowomunye. Ukubake bekungumkakho, umyeni wakho, umntwana wakho na? Ubungathanda omunye umuntu akhuleke. Manje, "Yenza kwabanye njengoba ungathanda abanye benze kuwe." Amen.

274 Uzoba semgqeni womkhuleko na? Yiba nokukholwa, lowodeveli uzohamba, Nkosazana Pringly, futhi kuzosuka kuwe. Uyilowo, futhi isithuthwane yilokho obunakho. Yiba nokukholwa nje. Ngibone lelothunzi elimnyama liphakama kuwe lisuka lihamba, ngiyakhuleka ukuthi angeke liphinde libuye. Ukutholile ngaphambi kokuba ngisho abesemgqeni womkhuleko. NaNgu lapho. Uyilowo, yilelo igama lakho, yilokho okungalungile, usube nakho isikhathi eside. Kholwa nje manje, ngethemba ukuthi ngeke kuphinde kubuye, kuwe.

275 Ukhuluma ngomusa! O Nkulunkulu! Noma ubani ubengangabaza kanjani—kanjani na? Ungabe usangabaza, ngiyacela ungangabazi. Khohlwa nje ingxenye yomuntu, niyabo, khohlwa yilamadoda, ayizinceku zikaKristu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

276 Manje, wonke umuntu akhuleke, futhi makuthi umholi wamaculo ahole iculo, *Kholwa Kuphela*, uma bethanda. Futhi bazalwane, ngifuna nikhuphukele lapha, futhi wonke umuntu, uyadlula, beka isandla sakho sobufundisi phezu kwalowomuntu odlula lapha, futhi ucele ngayo yonke inhliziyo yakho manje. Khumbula, bekungaba njani ukuba lona bekungumkakho, amadodakazi enu, omama benu, abantwana benu na? Ngowomunye umuntu, niyazi. Futhi asivele siphefumulelwe,

sisuse konke ukungakholwa, nakho konke, futhi sivele sithi, "Nkulunkulu, bazophila, yilokho kuphela. Bazoba yikho. Bazophila."

Futhi nonke laphaya nizobe nikhuleka, nithi, "Amen."

277 Manje, Nkulunkulu, kukuWe ukuthi ukwenze, Baba, sizoKukholwa, eGameni likaJesu. Amen.

Kuphela . . .

. . . eGameni likaJesu Kristu . . . Ngena ngqo . . .

Yilolohlobo olutholayo. Yileyondlela yokukuthola. [Umugqa womkhuleko uyaqhubeka—Umhl.]

